# ISango Lincane

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiyabonga. Kumnandi kakhulu ukubuyela eNdlini yeNkosi. Ngihlala ngikuthanda ukubuyela eTabernakele, akunandaba ukuthi ngiya noma kuphi. Kukhona okuthize ngalendawana endala engithanda ukukubuyela. Kuvele nje, o, ngi... Kwaba yibandla lami lokuqala nokuyilona lodwa engake ngalelusa. Futhi kuvele kubonakale kukuhle ukubuyela lapha futhi. Futhi ngiyakholwa ukuthi ngalokho kusa okukhulu lapho ilanga lenqaba ukukhanya, nezinkanyezi zifiphala ukukhanya kwazo, ngiyakholwa bayobakhona abanye abavela kuleliTabernakele abayobe bekhona lapho ngalolosuku, ogezwe eGazini leWundlu. Ngibheke lesosikhathi.

2 Ngithe ngiphuma nje endlini manje, ngihlangane noDadewethu u Arganbright emuva laphaya. Futhi ubengitshela ukuthi bekukhona abanye abantu lapha ababesemhlanganweni eKingston, abavakasha ngalesosikhathi. Futhi ngijabule kakhulu ukuba nabo lapha njengobufakazi. Noma ngabe bakuphi, uma bezophakamisa izandla zabo, owayesemhlanganweni eKingston eJamaica. Vele nje, yebo, emuva ngemuva. Kulungile, kuhle.

3 Ngibona iposikhadi lika Oral. Ngiqagele senivele niyimemezele imihlangano yakhe. Bengingawazi kwaze, izinsuku, kwaze kwaba yizolo. Ngicabanga ukuthi uqala ziyisithupha, awuqali lapho na? Ziyisithupha kuze kube mhla zilishumi nanhlanu, uMfowethu Roberts e Louisville. Manje, hambani nimuzwe. UMfowethu Roberts ungu—umngane wami omkhulu, futhi nenceku yangeqiniso kaKristu. Futhi ngineqiniso niyoyithakasela imilayezo yakhe, ubusuku nobusuku. Futhi eyakhe, esakhulekela abagulayo, ngi—ngineqiniso ukuthi niyobona uNkulunkulu enyakaza, ngoba uliqhawe elikhulu lokukholwa, uMfowethu Roberts unjalo, nendoda uNkulunkulu ayisebenzisa ngokunamandla. Futhi intshumayelo yakhe isifinyelele isuka...

4 Ngiyakhumbula mhla ngiqala ukubona uMfowethu Roberts, wayesethendeni elincane elimanikiniki ngaphesheya eSt. Louis, eMissouri, futhi ngangi... qhabo, eKansas City, eMissouri. Futhi ngangise Kansas City, eKansas, ehholo. Wahlala esihlalweni esiphambili. Emva kokuphela kwenkonzo, sahamba sajikela ngemuva futhi ngangixoxa. Bangethula kuye. Mncane kunami; uOral usephansi emashumini amane. Futhi ngakho wathi, "Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyowuzwa umkhuleko wami wabagulayo na?"

Ngathi, "Mfowethu, Uyowuzwa umkhuleko kanoma wubani oyokhuleka."

Kuhle, wasuka waqala, wayesethi, "Nakhu ngihamba!"

5 Futhi uyindoda ehlakaniphe kakhulu futhi unemfundo yasekolishi, iminyaka emine esayenseni ephathelene nakho konke okuthintana nengqondo, futhi ngineqiniso uyi—uyindoda ehluzile. Futhi usenyukele endaweni manje lapho esenezisebenzi ezingabeluleki ezimzungezile, nezinto, waze, nxa ekhuluma, u—uyakuphumisela. Futhi impela niyomjabulela, ngineqiniso.

6 Futhi ngakho manje bengithanda ukunikeza umbiko omncane nje walokho iNkosi yethu eyakwenza emhlanganweni wethu omncane othobile eJamaica nase Puerto Rico. Kwaba yinto engejwayelekile ukuthi ngawelela khona, ngoba kungena izingcingo eziningi. Njengoba uLeo lapha azi, ukuthi ucingo... Futhi ngaphakathi neviki, kubakhona amakhulu ezindawo angena elandelana efuna imihlangano. Kodwa nokho ngithanda ukuzwa ngiholelwa lapho engiya khona, la kufuneka khona. Uma ngiya ngoba umuntu ethumele ukuba ngifike, khona-ke ngiza egameni lalelobandla noma leyonhlangano. Uma ngiyohamba ngoba uMfowethu Neville ethe kufanele ngihambe, bengiyohamba egameni likaMfowethu Neville. Kodwa ngithanda ukuhamba nxa kuthumela uJesu, ngakho ungahamba eGameni leNkosi uJesu, ukuyohlangana nabantu.

7 Futhi ngangilele embhedeni, futhi ngangikhathele kancane. Lesisigodi noma nini, ngizosishiya lesisigodi, ngoba sivele sephule umphimbo wami indawo enje angeke ngikwazi ukuyimela. Ngingahamba ngibuye... Sifika ngolunye usuku, uLeo nami, phakathi kwamamayela angamashumi amane, emva kokuba semaxhaphozini eFlorida, umphimbo wabuye waphila, futhi phakathi namashumi amane amamayela aseLouisville wabuye wama futhi. UMfowethu Banks Wood ufanele ukuba ulapha ndawo-ndawo namhlanje ekuseni. Futhi ngolunye usuku ngivela eKingston na—nase Puerto Rico, lapho umphimbo wami wawuziphilela nje ngokupheleleyo; futhi ngehla ebhanoyini, konke kusahamba kahle; futhi ngaphambi kokuba sifike e Jeffersonville, wabuye wavaleka futhi. Niyabo, kuyisigodi lapha. Kuyigciwane elisemoyeni, kungenjalo nguNkulunkulu, okukodwa, kuzama ukungikhipha. Ngakho, a—angikuqondi. Ngikhulekile ngacela izikhathi eziningi.

8 Kodwa, nokho, ngangisand'uk'vuka, cishe kwakuyihora lesithathu nqo ekuseni. Futhi umkami nomfanyana wayelele. Futhi ngavuka ngasecaleni lombhede, futhi ngibone isixuku esikhulu sabantu esasikade sibuthene endaweni ebanzi, ngase ngithi ku Billy Paul, "Hamba ungene lapho unikeze labobantu amakhadi okukhulekelwa."

9 Futhi wathi, "Kulungile, baba." Emizuzwini embalwa wabuya, wayesethi, "Ungeke unikeze amakhadi okukhulekelwa kulabobantu." Wathi, "Uyayibona lendoda emi lapha na?"

Ngathi, "Yebo."

10 Wathi, "Ibingapha, futhi ngathi, 'Wonke umuntu ofuna ikhadi lokukhulekelwa, phakamisa izandla zakho.'" Futhi wathi, "Ngihambe ngamnikeza ikhadi lokukhulekelwa, uye ndawana thizeni. Futhi ngase ngiwelela lapho, futhi ubengale ndawo thizeni. Manje nangu usebuyele ngapha." Wathi, "Angikwazi ngisho ukukhipha elilodwa ikhadi lokukhulekelwa."

11 Ngathi, "Kulungile, Billy, ungawakhiphi amakhadi okukhulekelwa, ngoba kukhona indawo enkulu impela lapha kuze kuthi wonke umuntu angahle . . ." Amakhadi okukhulekelwa angawokubalekela isiphithiphithi . . . niyabo, nokubagcina behlelekile. Ngathi, "O, ngingathatha wonke umuntu lapho, bangabi ngaphezu kwaleyondawo elapho enginayo, ngibamise ngomugqa futhi ngibakhulekele ngamunye ngamunye."

12 Futhi wathi, "Kulungile." Futhi waphendukela kwesokudla wasuka kimi wahamba. Futhi ngaphendukela *ngapha* ngenkathi yena eya *ngale*, yebo ngimqaphele.

13 Futhi ngezwa iPhimbo lehla livela eZulwini, futhi lathi, "Kodwa ngalesisikhathi Ngizoqala ukukukhulisa." Futhi ngabheka, futhi angizange ngisibone isixuku esingakaya sabantu, babephithizela ndawo zonke.

14 Futhi igama lika Mfowethu Roberts labizwa, kwathiwa, "Manje u Mfowethu Oral Roberts uyeza uzokubona."

Futhi ngathi, "Ngizombingelela kanjani u Mfowethu Roberts na?"

Lathi, "Ngaleyondlela efanayo naleyo akubingelela ngayo."

15 Kuhle, ngimbone u Mfowethu Roberts eza egqoke isudu emnyama, nesigqoko esincane esifana nesigqokwa ngu Bing Crosby, lezo ezibhekiswa phezulu kancane bese usidonsa sibheke phansi, isigqoko esincane esimnyama. Futhi ngangimi sengathi ngibheke phezulu, futhi wabuka phezulu wayesethi, "Sawubona, Mfowethu Branham."

Ngase ngithi, "Sawubona, Mfowethu Roberts," ngaxhawula isandla sakhe.

Wathi, "Unesixuku esihle."

16 Ngathi, "Isixuku impela, Mfowethu Roberts." Futhi waphenduka futhi wahamba wasithela ngalapho kuye ngakhona u Billy, ngakwesokudla.

17 Futhi ngacabanga, "Ngizokhuluma nabo ngikuphi na?" Futhi ngazama ndawo zonke ukuthola indawo yokuba ngikhulume. Ngangisesimweni esixakile, okuthize phansi, engingakubonanga uku—engingakhuluma nabo ngikuyo.

Futhi omunye wathi, "Kuhle, woza ngapha."

18 Ngathi, “Kuhle, awukubonanga okungcono lapho.” Futhi ngaqala ngawelela kulendawo. Ngase ngikhumbula-ke lokhu ngaleyonkathi, ngathi, “Into enkulu okufanele ngiyenze kungukuzigcina ngithobile enhliziyweni yami, njalo, phambi kukaNkulunkulu nabantwana baKhe.”

19 Futhi ngase ngiphuma embonweni. Futhi ngacabanga, “Kuchaza ukuthini lokho na? Mhlawumbe kuchaza ukuthi sizoba nengaka . . . Kumbe kukuphi, uzoba kuphi na?” Niyabo, ngezinye izikhathi, emibonweni, Akakutsheli nje ukuthi kuphi, U—Uvele akhulume nawe uvele . . . Kusemfanekisweni, kuyafana. Futhi ngineqiniso nina enifunda iBhayibheli niyakuqonda lokho.

20 Ngase-ke ngihamba ngiyongena ekamelweni elingaphambili ngase ngithi ukuhlala phansi isikhashana, futhi cishe laligamenxe elesithathu kumbe kungelesine nqo ekuseni. Ngozela kakhulu. Ngabuyela emuva ngalala phansi, ngase ngiphupha iphupho, futhi kwakuyiphupho elixake ukwenza. Futhi cishe nonke niyamazi omunye wezimenenja, uJack Moore, uMfowethu Jack Moore. Sekuyiminyaka ngimazi. Ngacabanga ukuthi ngangiphumile ngizishayelwa wumoya nendodakazi yakhe, intombazane ethi mayibe neshumi nesikhombisa leminyaka ubudala, futhi ngangiyibambe ngesandla, ngiyiholela phezulu egqumeni, uJackie omncane. Yebo, selokhu ngayazi kusukela isewusana oluncela ibele. Futhi ngangiyiholela egqumeni, futhi ngahamba amabhilidi amathathu edolobha ngenyuka igquma, ngihola lentombazane. Futhi safika phansi kwesihlahla esikhulu, yase ihlala phansi. Futhi njengeningi lamatshitshana namhlanje agqoka leziziketi ezithi, niyazi, lenhlobo eqhubushile, futhi yayinaleso saleyonhlobo yeziketi. Futhi yathatha lesisiketi esincane yathi ukusendlala yase ihlala phansi. Futhi njengabantu abash& ngokujwayelekile bayabukana, yasonga izandla zayo ka *nje* yase iqala ukubuka phezulu esibhakabhakeni. Yebo, u Jackie uyintombazanyana enhle impela, kodwa unomlomo omkhulu obanzi namehlokazi amakhulu, futhi unezinwele ezisasihlabathi, akakhangi kangako, kodwa uyintombi impela esencane. Futhi ngangiwabona amehlo akhe amakhulu ngenkathi ebuka ezibhakabhakeni, nokuthi ukukhanya kwezibhakabhaka kwakusemehlweni akhe.

21 Yebo, ngaqhela kuye ngamafidi acishe abe mahlanu, futhi ngathi ukulala phansi lucezu ka *nje*, ngase ngithola uthi olomileyo ngalufaka emlonyeni wami, ngase ngiqala ukuhlafuna loluthi olomileyo. Futhi ngiqala ukucabanga, “Ngenzani phezulu lapha na? Kungani, mina indoda endala, nalentombazane esencane. Kungani,” ngathi, “Ngishadile futhi nginenqwaba yabantwana. Anginamsebenzi enginawo lapha phezulu nalentombazane esencane.”

22 Futhi ngaqala ukusukuma. Futhi, sengivukile, iPhimbo lavela esihlahleni, futhi lathi, “Lokhu kungokwesibonakaliso nokwesizathu.”

23 Futhi ngavuka, futhi ngacishe ngamemeza, i—iphupho elesabisayo. Ngacabanga, “O, angazi uma lokho kuchaza ukuthi ngizowa kumbe okuthile kwenzeke kimi na? Kulungile,” ngacabanga, “uma ngihamba ngizame ukusebenzisa umqondo okungowami, khona-ke ngizokuphambanisa konke, ngakho ngizovele ngilindele uNkulunkulu.” Futhi ngaqala ukuthandaza. Ngathi, “Nkosi, ngabe lelophupho liphathelene nalowombono wasekuqaleni kwengxenye yobusuku, noma uchaza ukuthini na?”

24 Emva kokulinda esikhathi isithize, mhlawumbe ihora, (umkami wayesevele esevukile eselungise nokudla kwasekuseni), lase-ke libuya iPhimbo futhi, futhi lathi, “Hamba uye e Kingston, futhi uyotshelwa lapho ukuthi yenza ini.”

25 Ngakho, ngokushesha ngaya e Kingston. Futhi be—bazi ngolwesiNe ntambama ukuthi ngiyoba lapho ngolwesiHlanu. Kwakuyileso saziso kuphela esasinaso. Angimuhle kakhulu ekwenzeni . . .? . . . noma ekulinganiseni isixuku, ngoba ngihlala ngiba nehaba kukho. Kodwa ubusuku bokuqala, ngingathi sasicishe sibe neshumi nambili, o, cishe ishumi nambili lamakhulu abantu, ngoba kwaziwa ngosuku olulodwa nje. Futhi ngosuku olulandelayo baqalisa abagijimi begijima amamayela amane, benikezelana, phezulu ezintabeni. Umgijimi oyedwa wayegijima amahora amane, abese ededela omunye umgijimi aqhubeke enyuke intaba. Futhi ngobusuku ibulandelayo kwasekukhona cishe izinkulungwane ezinhlanu. Futhi ngobusuku besithathu kwase kulinganiselwa lapha ezinkulungwaneni ezilishumi nanhlanu, mhlawumbe amashumi amabili. Futhi kwakukhona ozinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane ezeza eNkosini.

26 Futhi umbono, wawulibandla elincane, intombazane yayiyintombinto, isengumntwana nje, futhi lokho kwakuchaza ubumsulwa bebandla. Futhi amabhilidi amathathu edolobha phezulu egqumeni, kwakuyizinsuku ezintathu engangizozishumayela. Nokuthatha ibandla elincane elimsulwa ngentshumayelo yami, lisuka lapho elalikhona, liye ekuphakameni ezintweni zikaNkulunkulu, laze lanyakazisa sonke isiqhingi.

27 Futhi, o, abefundisi nabantu nxa zonke, bekhala benxusa bephenduka, “Ubusuku nje noma obubili ngaphezulu,” izikhulu zedolobha.

28 Sasuka lapho saya e Puerto Rico. Lapho sahlangabezana nokukhulu, ukunqoba okuphakeme, futhi izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zaminyanisa indlela, kwaze kwalinganiselwa lapha ezinkulungwaneni ezingamashumi

amane imiphefumulo eligugu yeza eNkosini uJesu. Futhi ekuhambeni, ngiyethemba ngi . . . Ngingasho lokhu ebandleni okungelami, kodwa bengingenakukwenza ngaphandle emphakathini, kuleyondawo lapho abantu basekhaya bengekho khona, ngoba kungathathwa ngesinxele. Kodwa nginegama lejaji lapha esiqeshini sephepha, elanikeza inkulumo ngenkathi sesihamba, khona lapha, lona kanye nezisebenzi zalo.

29 Futhi li—lathi, "Sihlonishiwe esiqhingini ukuba nabefundisi abehlukeneyo." Lathi, "Ngenkathi uMnu. Billy Graham esand'uk'suka nje esiqhingini," futhi wathi, "saba ne—nomhlangano omnandi kakhulu," lathi, "kodwa uBilly Graham wavele wasilethela iVangeli elifanayo ebesilokhu sihlale silizwa." Lathi, "Kanti-ke sahlonishwa ukuba noMnu. Roberts esiqhingini," lathi, "futhi noMnu. Roberts wasinikeza omkhulu umhlangano wezinsuku ezintathu. Kodwa," lathi, "izindleko zazimb'eqolo ehhotela," lathi, "washiya amashumi amathathu nanhlanu ezinkulungwane zamadola ngobusuku obuthathu, ezindleko zehhotela." Lathi, "Kwase kuba uMnu. Osborn wayelapha, owayeyinceku enkulu kaKristu. Kodwa," lathi, "lapho uMnu. Osborn esehambile, kwabakhona ukwenzeleka phansi," lathi, "kwabukeka sengathi konke kwase kuphelile."

30 "Kodwa," lathi, "siqaphelisile kulomhlangano ukuthi kwakungekho bantu kangako eplatifoma ukuba bakhulekelwe nguMfowethu Branham. Kodwa," lathi, "emva kokuphela kwezinkonzo, sathatha imithwalo yamaloli enezihlalo ezindala nezikhwembe nakho konke, kuphuma kubalaleli." Lathi, "Bekungesuye umuntu kulesisikhathi, uNkulunkulu ufike kithina," lasho njalo.

31 Ngathi, "Ningalindeli imithandazo yami; kodwa imithandazo yenu phandle lapho, bekani izandla zenu komunye nomunye." Futhi babeletha mhlawumbe idazini kumbe amabili eplatifoma, futhi, lapho ukwahlukanisa sekwehla, abantu babevele badazuluke. Sahlala ehhotela leqophelo lesine, futhi sazikhokhela zonke izindleko zethu nezindlela, thina qobo.

32 Yinina enasiza ukwenza lokho, qobo lwakho, okweshumi eningithumelela khona. Yilokho okwakwenzayo. Futhi ngifuna nikwazi lokho, kukho konke lokho, ninengxenye yakho. Futhi nasosukwini olukhulu olukhazimulayo oluyofika, uNkulunkulu uyonivuza ngalokho. Niyabo, naningena . . .

33 Uma umuntu ngokwakhe ehamba enze okuthize, khona, niyabo, nxa lowomuntu esuka, bayacabanga, "Okukhulu ukwenzeleka phansi, uNkulunkulu usishiyile." UNkulunkulu akakushiyi. Uhlal'enawe njalo. Uyabo, nguwe njenganoma ngubani kukho, njenganoma ngubani. UNkulunkulu angasebenzisa umuntu emsebenzisela intshumayelo ethize, kodwa lokho akusho ukuthi lowomuntu unokuzikhethela kuNkulunkulu. Kungukukholwa kwakho kuNkulunkulu.

34 Futhi babephumela phandle lapho emakalishini amancane ohlobo lwamasondo amadala, ababewathatha njengamasondo enqola yengane, bese—bese benza ibhodi babeke abantu kukho babagqube bangene ngakho. Futhi emva kokuphuma kwenkonzo, yonke indlela yezokusubatha yayivele ikhucululeke, babevele bahambe ngezinqola bacaphune amakalishi amancane amadala nezihlalo ezinkulu ezindala, nezikhwembe nemibhede emincane yezingane nemibhede, futhi nje kulapho la babephuma khona bahambe babashiye, ngoba uBukhona beNkosi babulapho. Yilokho esifuna ukukubona. Umuntu akekho ndawo-ke lapho, uNkulunkulu uyanyakaza.

35 Ngibuyela emuva, ukusiza manje ekuseni nje, ngizokhuluma emizuzwini embalwa. Futhi ngicele abafana bangayikhululi iteyipu. Izinsuku ezintathu ngizame kanzima ukucabanga, "Ngizokhuluma ngani na?" Futhi namhlanje ekuseni, ngaphambi kokuba ngihambe, ngizwe isexwayiso esinamandla ngempela enhliziyweni yami kulo ibandla. Futhi ngabatshela, "Thathani iteyipu, kodwa ningawadedeli ukuba athengiswe."

36 Kodwa ngaphambi kokuba senze lokhu, ngithanda ukuninikeza ubufakazi obuncane nje, ukuze bukwenzele okuhle. Bangenzela okuhle. Sahamba uhambo lwezinsuku ezintathu siyodoba, u Leo no Gene nami qobo, nendodana yami u Billy Paul nomkakhe, ezansi kumngani oyaye eze lapha eTabernakele, evela ezansi e Georgia. Futhi basithatha basibuyisela emuva exhaphozini elithize, angazi ngempela ukuthi kwase kukuphi manje, eduzane kwase Okeechobee noma into efana naleyo, angilazi igama amaNdiya angama Seminole alibiza ngayo. Kodwa, nokho, sasisemuva ngamamayela amaningi.

37 Futhi loMfowethu Evans, umfowabo uyisoni. Futhi ungumdobi omkhulu, futhi wabuyela emuva emaxhaphozini ezinyangeni ezimbalwa ezadlulayo. Futhi banalokhu abakubiza nge "Ndlondlo yomHlabathi." NeNdlondlo yomHlabathi yamluma, futhi wavele wacishe akangaphila. Ubhambo lwakhe lwavuvukala, futhi bamthatha bamusa kodokotela base bemnika imithi elalisayo. Lezozinto ziyabulala. Futhi baneziningi izinyoka imiLomokotini, emuva lapho futhi, umLomokotini, uMokhasini, izingwenya ezize zifinyelele emashumini amabili amafidi ubude.

38 Futhi ngenkathi sisadoba emuva lapho, ngangibambe esikhulu isixwexwe senhlanzi ibass. O, ngempela kwakulusuku lo—lokuphumula. Futhi yayinkulu ngangoba angikwazanga ukuyikhipha emanzini, futhi yavele yalelula ihhuku yahamba, kumbe yazidonsa yazikhulula. Futhi sasinezining izinhlanzi amabass, cishe amaphawondi alikhulu namashumi amahlanu ezinhlanzi amabass ezinkulu. Futhi zona, ezinye zazo zisinda inqwaba yamaphawondi, futhi kusukela kwamane kuya kwayisikhombisa, amaphawondi ayisishiyagalombili. Futhi ngabamba lena enkulu, futhi yaphunyuka.

39 Futhi ngabuye ngaphonsa, futhi ngi—ngabamba enye, eyayilapha kwayisithupha, amaphawondi ayisikhombisa. Futhi nganginesigxobo eside okwakufanele usibambe phezu kwamacembe omnduze. Futhi uMfowethu Evans waye . . . Sonke sasimanzi sigxambuza emanzini, ngoba kungamaxhaphozi nje. Futhi wayekhumule izicathulo wagoqa imilenze yebhulukwe lakhe, futhi wayehlezi endaweni eyomileyo, ethi ukomisa izingubo zakhe. Futhi wayibona lenhlanzi enkulu ihuquzela izungeleza ezihlahleni, futhi ngangigxambuza ngiza ngakuye. Wathi, "Awume kancane, Mfowethu Branham, ngizokubambela yona." Futhi wagijimela ngaphandle lapho. Futhi ngase ngiyidonse ngayiphakamisa, ngiqagela ukuthi inhlanzi cishe yase ifile, ilele emacembeni. Futhi wagijima ukuba ayoyithatha. Futhi, esenzenjalo, waklewula, futhi nangu ebuya. INdlondlo yamluma.

40 Futhi sakubuka, futhi nanko amanxeba ezinyo onyaweni lwakhe lapho iNdlondlo yayimzawule khona, futhi kwakumbangela ubuhlungu obedlula ukwenza kwaze kwahlengezela izinyembezi emehlweni akhe. Wathi, wezwa sengathi amathambo akhe ayakhubazeka. Futhi sasilapho, amamayela amaningi emuva exhaphozini. Uyindoda enkulu ukuthi ungamqukula. Futhi uma inyoka ikuluma, ugula kakhulu emaminithini ambalwa kuze kube sengathi usufile. Futhi u Leo wayekhona emile. Futhi into ethile yafika emqondweni wami, "Usenguye uNkulunkulu!" Futhi lapho esabambe unyawo lwakhe elunkonkoshela, nalawo manxeba amakhulu amabili ezinyo phakathi lapho iNdlondlo eyayimzawule khona. Ngabeka izandla kuleyondawo futhi ngathi, "Nkosi, kulotshiwe eZwini laKho, 'Bayakunyathela amakhanda ezinyoka nawofezela, futhi abasoze balinyazwa yilutho.'" Futhi kuwona lowomzuzu nje, bonke ubuhlungu baphela onyaweni lwakhe. Wagqoka izicathulo zakhe wadoba usuku lonke futhi.

41 Wahamba wangena ngalobo busuku wabatshela ngakho, bathi, "Kungcono uye kudokotela."

42 Wathi, "Uma uNkulunkulu engivikele kwaze kwaba yimanje, Uzonginakelela yonke indlela." Sadoba izinsuku ezintathu, akukho kugula okwamhluphayo nhlobo.

43 UNkulunkulu usenguNkulunkulu. Uyasigcina sonke isethembiso. Futhi kuyoyonke intshumayelo yami, leso yisikhathi sokuqala lapho engake ngabona uNkulunkulu efika esihlungwini senyoka, ngoba kwakuyisikhathi sokuqala sokuba ngike ngibenethuba lokukhulekela umuntu oshaywe yinyoka. Kungukukwazisa nje ukuthi Uzigcina zonke izethembiso zaKhe, futhi amaZwi aKhe mahle ayiqiniso. Ameni.

44 Khumbulani izinkonzo namuhla ebusuku nakulolulwesiThathu oluzayo. Futhi khulekela othile manje odinga ukukhulekelwa ngempela, lowo yimina. Futhi, khumbulani, yibani khona emhlanganweni kaMfowethu

Roberts nxa uza edolobheni, futhi nedlulise umkhonzo ovela eTabernakele.

45 Ngaphambi kokuba sifunde imiBhalo, ngi—ngithanda sisukume ngezinyawo zethu umzuzu nje. Futhi, ngaphandle komculo, ake sicule ikhorasi noma amabili alelihubo elimnandi elidala lebandla, "UKholo Lwami Lubheka Phezulu KuWe." Kulungile, wonke umuntu makajoyine kanye nami manje, futhi asilicule. Futhi ungacabangi ukuthi ucula kanjani, vele uliculele udumo lukaNkulunkulu. Ungasiqalela lona, Mfowethu Neville?

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu lase Kalvari,
Mhlengi waphezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa onke amacala ami,
Makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho ubumnyama bempilo bungidunga,
Nosizi lwanda macala onke kimi,
Yiba Wena ngumHoli wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula ukudabuka, uxoshe ukwesaba,
Ungangivumeli ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

46 Sikhothamise amakhanda ethu, ngithanda ukufunda emibhalweni engcwele yeBhayibheli, uMathewu oNgc., isahluko 7, amavesi 13 no 14. Futhi sengathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ezicebile sisaWufunda.

> *Ngenani ngesango elincane: ngokuba isango libanzi, nendlela inkulu, eyisa* ezimbubhisweni, *baningi abangena khona:*
>
> *Kepha isango lincane, nendlela iyingcingo, eyisa ekuphileni, bayingcosana abayifumanayo.*

47 Asikhuleke. O Nkulunkulu, Ophinde wabuyisa iNkosi uJesu evela kwabafileyo nasethuneni, futhi uMlethe kithina namhlanje ekuseni enjengomHlatshelo ophilileyo, ngokuzithoba sinikela izimpilo zethu kuWe kabusha, emicabangweni yokuthi Uyosinaka kakhulu. Lapho siseyizoni, sifile esonweni naseziphambekweni, Wathumela iNdodana yaKho ezelwe yodwa, eyenziwa ngokwesimo senyama yesono, ukuba yisihlawulo ngenxa yezono zethu, ukuthi omSulwa, ehluphekela onecala, ukuze asibuyisele ndawonye futhi ekuhlanganyeleni naWe.

48 Futhi, O Nkulunkulu, uma kukhona isono phakathi kwethu namhlanje ekuseni, utho olungavimbela uMoya oNgcwele ekusiletheleni uMlayezo kaNkulunkulu kulowo ngamunye ezinhliziyweni zethu, sikhulekela ukuthi, Nkosi, ethobileyo, Usithethelele iziphambeko zethu. Sihlanze ngeGazi

leNkosi uJesu. EsiMaziyo phakathi kithina ukuthi asilutho, futhi siyavuma ukuthi asilutho, kodwa Wena ungcwele, Wena uqinisile, Wena ungukulunga, Wena ungumThombo womusa uqobo. Futhi sigaqa ngokuzithoba lapho namuhla, njengemiphefumulo ezisolayo. Njengoba ubufakazi sebethuliwe, base Jamaica nobase Puerto Rico, nalapho Osebenze khona imisebenzi emikhulukazi, O Nkulunkulu, kuyisibonakaliso sokufika kwaloWo oLungileyo.

49 Ukuthi Wamsindisa kanjani uMfowethu Evans emazinyweni esihlungu saleyonyoka, ngoba wayeyikholwa, futhi amaZwi aKho ahlal'eliqiniso. Manje, Nkosi, sikhulule emazinyweni okufa namhlanje ekuseni, lapho isitha esisulume khona safaka ubuthi kithina. Makuthi amafutha aqeda izinhlungu elaphayo aKho, namhlanje ekuseni, Nkosi, agcwalise imimoya yethu futhi asihlanze kukho konke ukungalungi. Phulukisa isifo semizimba yenyama eyephulwe ngamandla esitha. Konke okuseBukhoneni baPhezulu, sengathi bangaphulukiswa.

50 Khuluma kithina manje ngeZwi laKho elilotshiweyo, Nkosi. Ngingenakwazi ukuthing'zothini, kodwa Wena uzosinikeza khona. Futhi Uyasexwayisa, Nkosi, futhi senze silungele ukuFika kwaKho. Ngokuba sicela lokhu eGameni likaJesu ngaYe. Ameni.

51 Ngihlala njalo ngifika emva kwesikhathi, ngoba ngilindile manje. Futhi uSonto sikole, ngiqagele, usephumile. Kodwa kukhona okuthile ngakho, nxa sengifika ekhaya ngivele ngizizwe sengathi nginesikhathi esiningi. Niyazi, sihlale sijahe kakhulu, noma kanjani. Ngakho, sizomkholwa nje uNkulunkulu.

52 INkosi yethu yanikeza lesisexwayiso esilukhuni kubantu besizukulwane saYo, abantu ababenenkolo kakhulu. Futhi Yathi, "Isango lincane, nendlela iyingcingo, eyisa ekuPhileni, futhi kepha bayoba yingcosana abayakuYifumana." Manje, kwakungengoba bengakholwa. Babengabakholwayo impela. Futhi ngoba babethembele ebandleni nasezivumweni-kholo ezithize namahlelo, futhi bekholiwe (ngokubanzi) nguNkulunkulu, babecabanga ukuthi konke kwakuhamba kahle. Kodwa Yayibatshela ukuthi bayoba yingcosana abayongena.

53 Futhi ngiyamangala namuhla ekuseni ukuthi ngingesifanise yini lesosizukulwane nalesisizukulwane. Niyabo, kwase kusesikhathini sokuvalwa kwesikhathi samaJuda, futhi Yayibhekise emuva kwabahlukile nezigcino ezahlukene zezikhathi ezahlukene, futhi ibatshela ukuthi yona lento eyayikade yenziwe ezikhathini zokuqala yayenziwa phambi kwabo. Futhi behluleka ukukuqonda. Futhi akesibone ezinye zezinto Eyayikhuluma ngazo.

54 Bona, kanjengokuthi, babengakholwa ukuthi uNkulunkulu wayekulowoMuntu. Lokho kwakuyisithiyo esikhulu kunazo zonke ababefanele ukusikhwela baseqe, kwakungukuthi Angenza kanjani ukuthi enguMuntu nokho Azenze uNkulunkulu. Babengaboni ukuthi uNkulunkulu angahlala kanjani kumuntu wenyama. Futhi kuyoyonke iminyaka, kuzo zonke izikhathi, uNkulunkulu ubehlala njalo kumuntu. Umuntu ungumsebenzeli kaNkulunkulu. Kuso sonke isizukulwane, uNkulunkulu ukhuluma kubantu baKhe ngezindebe zomuntu. Uhlala njalo ekhetha omunye othile kumbe utho Angalusebenzisa.

55 Futhi Yabhekisa kubo, ababeyisikhubekiso esikhulu, ngo Abrahama. Yathi, yabatshela, “Uma uzibiza nga ‘bantwana baka Abrahama,’ u Abrahama u ‘yihlo,’ walubona usuku lwaMi walujabulela ukulubona. U Abrahama, umprofethi.” Futhi akungabazeki ukuthi uJesu wayebhekise kubo ukuthi Wayefakazisile kubo ukuthi Wabe enguMesiya, ngoba isibonakaliso sikaMesiya sasiMlandela. Futhi kwakukade kungaleyondlela kuso sonke isizukulwane, lokho, isibonakaliso sikaMesiya. Kodwa nokho Yena Uzenza uNkulunkulu, uMesiya qobo lwaKhe, lokho kwabakhuba. Abakuqondanga.

56 Manje, lapho u Abrahama (ababembiza ngoyise) wahlangana noNkulunkulu, Wayesenyameni futhi, ngoba Udla inyama yethole, udla amaqebelengwana, futhi uphuza ubisi, nebhotela, phambi kuka Abrahama, kodwa nokho WayenguNkulunkulu. U Abrahama waMqonda, uNkulunkulu, futhi waMbiza ngo “Eloi,” okusho uJehova umniniMandla onke. UMuntu egqoke izingubo, enothuli eMzimbeni waKhe, futhi wahlala phansi kwesihlahla, enzela umthunzi, futhi udla inyama uphuza nobisi. Kwase kuthi-ke lawo abandayo, anezinhliziyo ezimbi, anobugovu, amaJuda alungileyo awaMkholwanga ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, abiza u Abrahama ngoyise wawo. Futhi Wayebazisa ukuthi Wayenza izinto ezifanayo, enyameni yaKhe, uNkulunkulu azenzayo kwenye inyama ngenkathi Ehlangana noyise wawo, u Abrahama. Futhi u Abrahama wakukholwa. Futhi awakukholwanga.

57 Niyabo, ngenkathi u Abrahama ehlezi ngaphansi kwethende lakhe ngoba wayezikhethele, nalokho-kukhetha kulethwa phambi kwakhe wonke umuntu ozelweyo kulelizwe. Umuthi wokuhle nokubi ubekwe phambi kwawo wonke umuntu. Futhi lapho uLoti, umshana wakhe, nabelusi baqala ukuphikisana ngemihlabathi; u Abrahama, engumuntu olungileyo, wathi kubo, “Makungabibikho nje ukuphikisana phakathi kwethu. Vele ukhethe indlela ozohamba ngayo.” Leyondawo ifika kuyo yonke impilo yekholwa. Futhi iphambi kwenu namhlanje ekuseni, futhi iphambi kwami.

58 U Loti akacabanganga ukuthi wayezohlubuka, kodwa wahamba ebheke ngase Sodoma lapho izinto zazilula ngakhona.

Futhi kukhona izikhathi eziningi thina esibuka ngasendleleni elula. "Ngizojoyina lelisonto elithize-thizeni, futhi, niyabo, akukho muntu oyosho okuphikisana nalo, ngoba liyisonto elikhulu ukwedlula onke edolobheni." Indlela elula! Izikhathi eziningi siyakwenza lokho, lapho, sisephutheni!

59 Khumbulani, uma nilandela uKristu, niyozondwa ngabantu, ngokuba bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu uJesu bayakuzingelwa. Futhi uma uza kuKristu, awuyikuza nangayiliphi ibandla noma yiliphi ihlelo, kumbe nayisiphi isivumokholo. Uyoza ngeGazi, yilowomhubhe kuphela wokungena. Futhi ungeke ulethe noma ngubani kanye nawe, uyoza wedwa futhi ume ekuvumeni kwakho nokukholwa okungokwakho. Awuyikungena ubelethe kumfundisi wakho, okholweni lukanyoko. Uyoza ngawedwana nxa uza kuNkulunkulu! Futhi izikhathi eziningi senza lokho kukhetha okuwubuwula.

60 Kwakuyothiwani ukuba uLoti, lapho ebone yonke into ilula, wabona lapho okwakunemali eningi khona nokukhulu ukuthandwa ngabantu, ngoba wayeyisihambi, futhi nomuntu ohlakaniphile, efundile, egcwele isayensi ephathelene nakho konke okuthintana nengqondo, futhi wayengenza izinto ezithile nokho ayigcine inkolo yakhe. Wacabanga, "Nginokukholwa kuNkulunkulu, ngakho ngizovele ngehlele e Sodoma futhi ngi— ngizokwenza enye imali ethe xaxa, futhi ngizoba yindoda enkulu, mhlawumbe umshumayeli omangalisayo." Niyabo, ufanele ukukhetha.

61 Nomuntu ongafundelanga lutho ufanele akhethe. "Ngizokwehla ngiye kulelisonto elithize laphaya. O, wonke umuntu edolobheni ucabanga ukuthi leli lingelingcono kunawo onke! Ngani, umphathidolobha ungowalelibandla." Manje, wayengaba ngowebandla elalilihle impela, kodwa futhi usafanele ulahlulele lelobandla nabantu balo ngemiBhalo. Ngezinye izikhathi baya ngoba kuyindlela ebatshazwayo, a— abantu bagqoka kangcono abaya ezindaweni ezithizeni. Futhi kulapho la senza khona i—iphutha elikhulu. Manje qaphelani lokhu.

62 No Abrahama, into kuphela ayeyenza kwakungukukhetha kamuva. Futhi ngezinye izikhathi ukukhetha kamuva kungcono kunokuqala, uma kuthathwe kanjalo. Qaphelani, akubanga kade, lapho uLoti ebone idolobha elikhulu, akambonanga umkakhe ephenduka insika kasawoti, naphezu, akawubonanga umlilo ushisa idolobha. Kodwa u Abrahama wathatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Wahlala ezingwaduleni.

63 Futhi, nokho, ukuba-ke u Sara wayethe. . . Manje khumbulani, u Sara wayengowesifazane omuhle kunabo bonke ezweni. Kwakungekho owesifazane owayemuhle njengo Sara. Wonke umuntu, embona, wamthanda. Manje, kwakuyobalula

kabi ku Sara ukuthatha leyonhlobo yokukhetha. Kodwa wakhetha ukuhlala no Abrahama.

64 O, sifazane, ningamvumeli uDeveli aniphuphuthekise, ngokuba nithandwe ngabantu futhi nijoyine *lokhu* na *lokho*. Hlalani no Kristu! Ngokuba, ihora selifikile, ezinkulu izimbubhiso zilinde ngaphambili, zimbi ukwedlula iSodoma neGomora, zalelizwe. ISodoma neGomora liyoba yisenezelelo kulo.

65 Manje, u Abrahama esethathe indlela ayeyinikwe nguNkulunkulu, futhi ekade ondiswe yizwe, wayengaphumeleli nhlobo. Kodwa nokho wayazi into eyodwa, wakhonza uNkulunkulu futhi wakholwa nguNkulunkulu.

66 Ngakho ngolunye usuku nakho kufika amadoda amathathu, futhi ayegcwele uthuli futhi ekhathele, no Abrahama wawadabukela, wathi, "Wozani ngapha nihlale phansi ngaphansi kom-oki isikhashana nje. Futhi ngenkathi esamile lapho ekhuluma nabo, waqonda ukuthi babengesiwo nje amadoda ajwayelekile. Ngokukhuluma kwawo, ayehlukile. Futhi u Abrahama wahamba wabulala ithole walihlinza, futhi no Sara wathi akenze isinkwa alungisele ukubapha.

67 Manje khumbulani, amabili awo ayeyiziNgelosi, iziNgelosi emzimbeni wenyama, nomunye wawo kwakungu Nkulunkulu qobo lwaKhe. Nalona OwayenguNkulunkulu Wayefulathele ithende.

68 No Sara wahlala ethendeni. Ngiyathand'ukubona owesifazane egcina indawo yakhe kanjalo, angaphumi atshele indoda yakhe ukuthi ayenzeni, futhi njalo nxa kufika umuntu. Kodwa wahlala ethendeni. Akungabazeki, mhlawumbe egeza izitsha kumbe enza okuthize.

69 Nalona OwayenguNkulunkulu, Wayelokhu ebheka ngase Sodoma, futhi Wabatshela Ayezokwenza. NeziNgelosi ezimbili zehlela phakathi lapho ukushumayela iVangeli. Kepha Oyedwa wasala ngemuva, lowo nguYe owayenguNkulunkulu, futhi Wathi, "Angizukumfihlela u Abrahama izimfihlo eNgizaziyo, ngoba uzoba yindlalifa yezwe."

70 O, sinelungelo namhlanje ekuseni, bandla, ukwazi izimfihlo zokuFika kweNkosi. Ngokuba, "Babusisiwe abalamulayo, bayakuthiwa bangabantwana bakaNkulunkulu. Babusisiwe abalambayo borne, bayakusuthiswa. Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo, ngokuba bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba." Khona, uma ibandla likaNkulunkulu ophilayo lizodla ifa lomhlaba, akukho zimfihlo elifihlelwe zona.

71 "Konke uBaba aNgitshele khona, Nginitshelilile," kwasho uJesu. Futhi abaMkholwanga.

72 Ngakho ezinsukwini zikaAbrahama, njengoba Wayebhekise kubo, Wathi njengoba u Abrahama wayekhuluma neNgelosi,

futhi Yayilifulathele ithende, futhi Yatshela u Abrahama Yayizomvakashela ngomntwana. Futhi u Sara, ethendeni, wahleka. Futhi Yathi, "Uhlekeleni u Sara na?" Yayikhombisa ini na? "Uhlekeleni u Sara na?" Kwase kungamahora ambalwa nje ngaphambi kwembubhiso, ngesikhathi lokho kwenzeka. Ngaphambi nje kwembubhiso, lowomlilo uvela emazulwini washisa idolobha, nalesosibonakaliso senziwa.

73 NoJesu wathi, "Niyaduka," kodokotela abakhulu kwezika Nkulunkulu, esizweni esasikholwa lapho izigidi ngempela zazingamakholwa. Wathi, "Niyaduka, ningawazi umBhalo naMandla kaNkulunkulu." Esizukulwaneni esinjalo, amadoda ayeqeqeshwe ngokwanele, ayeyizifundiswa ekhuliswe ebandleni. Nxa umntwana ezelwe, wayeba ngowebandla. Wawufanele ukuba ngumIsrayeli. Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili uzelwe, kwakuba ngukusokwa, futhi wawungumIsrayeli kusukela ekuqaleni. Nobupristi bavela kumLevi, abaqeqeshwa kusukela emakhulwini eminyaka emiBhalweni. Nokho uJesu wathi, "Niyaduka, ningayazi imiBhalo!" Babeyazi encwadini yabo qobo yokufunda, babewazi ngamakhathekizima abo, babewazi ngesayensi yokwazi ngezindaba zeBhayibheli noNkulunkulu okungeyabo qobo. Kodwa uJesu wathi, "AniWazi, imiBhalo, anazi naMandla kaNkulunkulu. Uma benimazi u Abrahama, beniyakuNgazi. Uma beningabantwana baka Abrahama, beniyakuNgazi, ngoba u Abrahama wathokoza ngenkathi ebona usuku lwaMi, ngokuba elubone lungakafiki usuku. Ngenkathi Ngima phambi kwakhe emuva laphaya, emzimbeni wenyama, ngenza lokhu, wazi ukuthi kwakuyiMina, futhi waNgibiza ngo 'Eloi.' Kepha lapha Ngenza into efanayo phambi kwenu, futhi niNgibiza ngo 'Belzabhubhe.'"

"O," babethi, "sino Abrahama ongubaba wethu."

"Nibiza u Abrahama ngo 'yihlo'?"

74 Wathi, "Ngani, thina, singabebandla. Siyisizwe esikholwayo. Singabantu abakhulu. Singabantu bakaNkulunkulu!"

UJesu wathi, "Ningu Develi, unguyihlo."

75 Kodwa ngifanisa lesosizukulwane nalesi. Namuhla, lapho kukhona ngempela izigidi zabantu ezivuma ubuKristu, futhi azazi lutho ngoNkulunkulu kunaneLawu elingazi ngobusuku baseGibhithe. Kukhona abesilisa nabesifazane namuhla, ngempela izigidi ezizisho ukuba zingamaKristu ezibiza uKristu, azazi isimiso sokuqala saMandla okuvuka kwaKhe, futhi akaze babunambithe ubuhle baKhe. Akaze bawezwe aMandla aKhe. Amehlo abo aphumputhekile ngaseQinisweni.

76 Wathi, "Niyizimpumputhe, abaholi bezimpumputhe. Ngeke yini uma impumputhe ihola enye impumputhe, zingeke ziwele emgodini zonke na?"

77 Base-ke becabanga, "SingamaKristu. Singamakholwa. Singabamabandla aphakeme kakhulu kunalelo elikhona. Abefundisi bethu bayizifundiswa eziqeqeshwe ukuzedlula zonke." Kepha nokho uJesu wabatshela ukuthi abazi ngisho imiBhalo.

78 Niyabona ukuthi uNkulunkulu wakufihla kanjani emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, akwembule ezinganeni zona eziyofunda na? O, amandla amakhulu nobukhulu obungapheliyo bukaNkulunkulu! Muhle kangaka kulabo abafisa ukuhamba ngokuqondileyo phambi kwaKhe! Akayikukugodla okuhle.

79 Nokubona usuku ukuthi lapho isizwe sethu, izwe lethu, liboliswe yinto efanayo!

80 UJesu wayefuna ukubaqondisa ngokuyikho. Bathi, "O, u Abrahama ungubaba wethu. Futhi siyoba seNkazimulweni, ungakhathazeki ngalokho, ngoba siyakholwa uNkulunkulu. Singoprofesa, futhi siyakholwa uNkulunkulu, futhi sifundisa abantu bethu. Futhi wena Ungubani ukuba uze lapha ndawo zonke ne—nesibonakaliso esincane esidala esiyimfihlakalo futhi uzame ukukubiza ngoNkulunkulu na? Awulutho kodwa ungu Bhelzabhubhe." Nakho lapho ukhona, babenezivumokholo zabo nehlelo labo.

UJesu wabatshela, "NinguDeveli." Kucabange nje!

81 Futhi ngizofanisa lesosizukulwane nalesi, namhlanje lapho sinezigidi ezijoyina amabandla, sinamashumi ezinkulungwane. Futhi uNkulunkulu uyehla ukuhlala ebandleni laKhe futhi, nokwenza izinto ezifanayo nalezo Azenza lapho, ukuZenza abe nguye izolo, namhlanje, naphakade. Nabantu bayakufulathela, njalo, abanye ukuba babe ngabathandwa ngabantu, abanye bangafuni ukukhetha. Kuyaphoqelelwa kubantu! Ufanele ukhethe. Ungeke ume phakathi nendawo. Ufanele uthi "yebo" noma "qhabo." Awusoze waphuma kulowomnyango useyilowo muntu ofanayo ngenkathi ungena. Ungeke ukwenze. Umele uziqokele. Kwenzele uKristu namhlanje ekuseni.

82 Bacabanga ukuthi konke okungokwesonto kuyosindiswa. UJesu wathi, "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi kodwa bayoba yingcosana abayakuyifumana."

83 Ake nginexwayise namhlanje ekuseni, bandla, qaphelani. Kuthatha isikhathi namuhla, ekuzenziseni kwethu, isizukulwane esiqhoshayo sobumbulu esiphila kuso. Ihora lapho owesilisa nabesifazane bama emabandleni nasezihlalweni zasesontweni, futhi bacule amahubo kaNkulunkulu, futhi baphume kulelobandla babheme osikilidi, baphuze iwiski, baye emidansweni, futhi—futhi baphilele izwe, bakhulume angcolile, anenhlamba amahlaya, futhi bazibize "ngamaKristu." Lapho abesilisa nabesifazane bengasuka epulpiti noma esontweni, nasendaweni yaMandla okuvuka, lapho leso sibonakaliso

esifanayo sobuMesiya sihamba phakathi kwabo, kepha angabi yisidalwa esisha kuKristu, kukhona okuliphutha. Lapho amaphepha ekusakaza; futhi kusukela ogwini kuya ogwini, emuva naphambili, kusuka ezifundeni zeqhwa zaseNyakatho kuze kuyofika emenweni eshisayo yaseNingizimu, uNkulunkulu uyakuthumela, futhi nabantu ngezikhathi zonke bayaKufulathela. Pho-ke singathini, singenzani na? Siphendukela emuva emiBhalweni lapho Athi, "Isango lincane, nendlela ingumngcingo, futhi kodwa bayoba yingcosana abayakuyifumana."

84 Wathi, "njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikallowa, kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Lalelani, emihleni kallowa, izwe laligcwele abantu cishe njengoba kunje namuhla. Isayense yabo yayedlula eyethu. Bakha amabhubesi aqoshwe ngamatshe amakhulukazi nezivivane benza nezinto esingeke sazenza namuhla. Abedlulele, abakhulu, abantu abahlakaniphile. Futhi khumbulani, isayense ithi namhlanje, "Kusele umzuzu owodwa anduba kushaye iphakathi nobusuku." Munye umzuzu ngaphambi kokuba iwashi lishaye ihora elifile. Isikhathi sedlule kunoma sicabanga. Ngiyethemba ukuthi u—ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele uzokuzikisa lokhu enhliziyweni yalo lonke ikholwa, "njengezinsuku zika Nowa"!

85 Bangaki abasindiswayo ezinsukwini zika Nowa, kulesosizukulwane na? Isishiyagalombili, isishiyagalombili ezigidini eziningi. Wathi, "Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

86 "Futhi njengoba kwakunjalo ezinsukwini zase Sodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ngaphezu kwamashumi ezinkulungwane, kwabakhona abathathu abasindiswayo.

87 Nizothi-ke kimi manje-ke, "Mshumayeli, uthini ngazozonke izinkulungwane ezizofika naYe na?" Manje, mfowethu, lokho kwenziwa ngezizukulwane eziningi.

88 Ngiyomangala uma idazini liphuma kulesisizukulwane. "Isango lincane, indlela iyingcingo, futhi bayingcosana abayakuyifumana."

89 O, ngiyawazi amabandla, akushoyo, "Uma ubhala igama lakho encwadini bese uba lilunga, *lokhu*, nonke nikahle." Awukho umBhalo onjalo. Uma yonke into inegama layo encwadini, nase—ebandleni, kuyobakhona izigidi zezigidi eziphindwe kazigidi zezigidi zaphindwa kazigidi zezigidi, yonke into iyongena. Kusho ukuthi-ke zonke izinhlobo zomoya ziyoba phakathi lapho, futhi liyoba sesimweni esinjani iZulu na? Kucabange manje.

90 Omunye angathi kimi, "Manje awume kancane, Mfowethu Branham. *Osibani-bani*, ngibezwile bekhuluma ngezilimi, ngiyazi ukuthi bayongena."

91 Lokho akusho nhlobo ukuthi bayongena. UPawulu wathi, 1 KwabaseKorinte 13, "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolwezingelosi, kepha ngingenalo uthando, angilutho."

92 "O, ngaya emhlanganweni ka *Sibani-bani*. O, wenza emikhulu, enamandla imisebenzi. Ngimbonile evula amehlo ezimpuphuthe."

93 Usengalahlwa. "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku bathi, 'Nkosi, angishumayelanga eGameni laKho, ngaprofetha na? Angizange yini, eGameni laKho, ngakhipha imimoya emibi na? Angizange yini, eGameni laKho, ngenza imisebenzi eminingi emikhulu na?' Uyakuthi, 'Sukani kiMi, nina benzi bokubi, Angizange nginazi'" "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi kepha bayoba yingcosana abayakuyifumana."

94 Ake ngininikeze ezinye izilinganiso ezizoninyakazisa. Ngokwesayense yezemithi yokwelapha, edolobheni lase Chicago, ngokwezibalo zikadokotela, ukuthi kukhona izehlakalo eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu zokukhipha izisu e Chicago nje iyodwa, ezinsukwini ezingamashumi amathathu, odokotela abanazo. Mangaki awalamaphilisi amancane nezinto abazithathayo eziphathelene nokukhipha izisu na?

95 Izibalo ziyakhombisa, e United States, ukuthi baningi kakhulu abantwana besihlahla abazalwayo kunalabo bantwana abangabomshado ongcwele. Benazi ukuthi iBhayibheli lasho, kuDutoronomi 14:2, ukuthi, "umntwana wesihlahla, uyoba ngaphandle kuze kube ngamakhulu amane eminyaka"? Abantwana babantwana babantwana babantwana babantwana babo bangeme ebandleni leNkosi, iminyaka engamakhulu amane, izizukulwane ezilishumi. Amashumi amane esizukulwane. Ukhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho wabo wayengumntwana wesihlahla, ungaphandle! Manje yini na? Ngikhombise ukuthi kwaguqulwa kuphi.

96 Siza kuphi na? Futhi manje abesihlahla, ngenxa yokuphinga, nabesifazane abanesono begqokise okwendoda emgwaqeni, okulihlazo emehlweni kaNkulunkulu, ababhemi bosikilidi, abaphuzi bezinhlobonhlobo zotshwala, ababizwa bezisho ukuba bangamaKristu. UNkulunkulu uyazenqaba izixuku ezinje zezifebe! Kunjalo. Bese bezibiza ngamaKristu na? Akumangalisi uJesu athi, "Isango lincane, nendlela iyingcingo, kepha bayoba yingcosana abayoyifumana."

97 Bangeke bazithobe. Banjengesitashi. Buka, ngenkathi u Davide etshelwa ngesono sakhe ayesenzile, ngokushesha waphenduka, noNkulunkulu wamthandela lokho. Batshele ngezono zabo, bayothi, "Angisophinde ngilubhade kulomnyango futhi." Ngani na? Banezindawo eziningi abangaya kuzona, bangaya kuleyo mihume engamavezandlebe engabemukela

abanjalo. Kodwa kuyisikhathi sokuba abashumayeli bahlome ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu futhi bashumayele iZwi ngaphandle kokuvunana, iVangeli. Amadoda nga ezithoba.

98 Abusekho nhlobo ubuqotho phakathi kwamaKristu. Bafuna ukuthi, "NgingumMethodisti, ngiyiBaptisti, ngiyiPentekoste," lokho akuchazi [uMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] *lokho* kuNkulunkulu.

99 "Ngakhuluma ngezilimi, ngenza izimangaliso." Sibeka zonke izigcizelelo phezu kwalokho, kanti lokho kungokunye kwezinto ezinkulu kakhulu eziphuphuthekisayo abazenzayo. Impela. Imvula inela abalungile ngokufanayo nakwabangalungile. Imvula inisela izilimo ngokufanayo nokunisela ukhula, Roy. Imvula efanayo, uMoya oNgcwele ofanayo wehlela phezu kwabantu. Lokho futhi akuchazi . . . Imvelo yabo imele yehluke, ukusuka ngaphakathi kuya ngaphandle. Akusikho ukubonakalisa okungaphandle kumbe ukutshengisa, kodwa uMoya ongaphakathi kaNkulunkulu ophilayo owenza lowomuntu abe yisidalwa esisha, othobisa inhliziyo yowesifazane kumbe inhliziyo yowesilisa phambi kukaNkulunkulu.

100 Nithi, "Mshumayeli, uqonde ukungitshela ukuthi uyalingabaza idazini kulezizigidi nesigidi sezigidi ezine zabantu ezweni na?" Ngiyangabaza noma liyobakhona idazini eliyokwenza uHlwitho. Cabanga ngalokhu! Nginitshela okwashiwo nguJesu lapha eVangelini. Cabanga ngalokhu!

101 Kufinyelelephi na? Ngoba imikhuba yokonakala ingene phakathi kwabantu, abantwana besihlahla baqala ukuzalwa, lokho kwabesula. Niyabo, singama lapha amahora, sibeka lezozinto, futhi ningabona ukuthi siphila kwesinokukhohlakala, esinesiqalekiso, esibole phuhlu isizukulwane sabantu. Akumangalisi bengenakuzibona izibonakaliso, akumangalisi bengenakulizwa iVangeli, benziwe lukhuni, nokho banenkolo impela bamnene.

102 Ngabe uJesu akashongo yini ukuthi, "UMoya usho ngokuchachileyo, ngezikhathi zokugcina bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunoNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abangazithibi, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo, banesimo sokumesaba uNkulunkulu na"? Niyabona na? O, ungamemeza, impela. Ungakhuluma ngezilimi, impela. Ukukholwa kuyowakhipha amademoni, impela. Kodwa lokho akusikho esikhuluma ngakho.

103 Khona uzothi kimi, "Mfowethu Branham, yini uphawu lomKristu na? Ubani oyosindiswa na? Uyosindiswa wena, Mfowethu Branham na?" Ngethemba lokho kuNkulunkulu. Angazi. Ngikholwa yikuthi ngisindisiwe. Ngiqhathanisa impilo yami, nsuku zonke, neZwi. Uma ingaphili ihambisane naleliZwi,

khona-ke kukhona okuliphutha, ngifanele ngibuyele emuva ngilungise.

104 "Kuhle, uthi, Mfowethu Branham, nxa abantu bekhuluma ngezilimi, lokho akuchazi yini ukuthi basindisiwe na?" Qhabo, mnumzane! Qhabo, nhlobo! Ngibezwile abathakathi nabalumbi bekhuluma ngezilimi. Zonke izinhlobo zombhedo. Ngibabonile abantu bekhuluma ngezilimi futhi bahlale nomkamuntu. Ngibabonile abantu bekhuluma ngezilimi, futhi bagxume phansi-na-phezulu futhi bamemeze sengathi bekusha indlu, futhi baphume baphile impilo emazombezombe, futhi bantshontshe, baqambe amanga, nakho konke. Ungakubheka kanjani na? Qhabo, mnumzane.

105 Bangabesonto, abadikoni ebandleni, bamnene impela. Ngani, ucabanga ukuthi bayothenga uphetroli ngeSonto na? Qhabo. Kodwa ngoMsombuluko benza okuthile okungcolile nokubolile nokuyihlazo. UNkulunkulu uhlala enhliziyweni, hhayi ngaphandle, kuyinto evela ngaphakathi enhliziyweni.

106 "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi kepha bayoba yingcosana abayakuyifumana." Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zika Nowa, isishiyagalombili kulezozigidi; njengoba kwakunjalo ezinsukwini zase Sodoma, bathathu ezigidini; kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.

107 Futhi niyakubona ukonakala esikukho. Niyakubona konke ukucabangela komuntu, uphumela phandle lapho no Develi wenza abashumayeli abahlakaniphile bame epulpiti bavumele abantu bakwenze.

108 Ngolunye usuku umuntu wathi, "Ngingeke ngakuvumela ungene epulpiti lami, ungenza abesifazane bakithi bahlanye." Qhabo, sebevele bayileyondlela. Kuyobabuyisela emqondweni oyiwo, batshele lapho ukubabayeke ukugqoka lezizingubo nezinto. Futhi, kuhle, othize kufanele akwenze.

109 Ngathi kumkami, "Ngabe sengiyahlanya, mina qobo na? Ngabe ngiwuhlanya na?" Kumbe kwenzenjani kimi na? Okuthize ngaphakathi akuthuli. Kufanele ngiKusho, angikhathali ukuthi umuntu uthini.

110 Uthi, "Uzobhidliza intshumayelo yakho." Kuhle, noma yiyiphi intshumayelo ezobhidlizwa yiVangeli, ifanele ukubhidlizwa. UNkulunkulu usinika isibindi ukuba simele lokho okuyiQiniso futhi sikhulume iQiniso ngakho! Kuyisono, ihlazo!

111 "Isango lincane," kwasho uJesu, "nendlela iyingcingo." Futhi nina enicabanga ukuthi izigidi, nani nonke maMethodisti, maBaptisti, maPresbyterian, maPentekoste ukuthi ziyongena, niyoba yiziwula ngalolosuku. UJesu wathi, "Abaningi bayofika bahlale phansi eMbusweni, bathi, 'Nginelungelo lokuba lapha.'" Wathi, "Kodwa abantwana boMbuso bayobakhiphela ngaphandle. Kuyobakhona ukukhala nokulila nokugedla

amazinyo." Kungcono ukuthatha uhlu oluqukethe amagama namuhla ekuseni, mKristu. Kuyobakhona izigidi eziphindwe kashumi eziphindwe kazigidi zezigidi ezizibiza ngamaKristu, futhi ziqinisekile empilweni yazo, eziyolahlekelwa yisango. UJesu washo njalo.

"Bangaki abazongena na?"

112 Angazi ukuthi bangaki abazongena. Okuyikho kuphela yilokhu, "Nkulunkulu, mangibe ngomunye wabo!" Kuyilokho. UngumaHluleli. "Mangibe ngomunye."

113 Uthi, "Mfowethu Branham, ungasho kanjani-ke ukuthi ungumKristu?"

114 Angazi. Kodwa ake nginitshele ukuthi umBhalo uthini. Impela niyakukholwa loKho. Ngenkathi uMoya oNgcwele ethunyelwa emhlabeni, uNkulunkulu wakhuluma ngoMoya oNgcwele. Wathumela ingelosi kuqala, phambili kuqala, Wayesethi, "Dabula emzini naphakathi kwabantu, ubeke uphawu ebunzini labo, lalabo ababubula bekhala ngezinengiso, eqondisa lezozinto."

115 Yini isinengiso na? Ngowesifazane ogqoka ingubo yowesilisa. Kwenza uNkulunkulu agule. Sewake wafika ngakuleyondawo lapho kukhona khona into eyisinengiso na? Kukwenza ugule kabi! Ungeke uyimele. Owesifazane oyogqoka ingubo yendoda, kumenza ezwe ngaleyondlela uNkulunkulu; ungacula ekwayeni, ungathandaza nsuku zonke, umemeze nsuku zonke, noma uphilele uNkulunkulu nsuku zonke, wahlulelwe Phambi kukaNkulunkulu. Ushonjalo impela-ke umBhalo. "Isinengiso!" Futhi labo abasekela okunje bayohlanganyela nento enjalo.

116 UNkulunkulu usinika umusa ukumelana nento enje. Uma uzozimela, yima lapho ubambe iZwi likaNkulunkulu esandleni sakho. Alisoze lehluleke.

117 Manje sesifike osukwini lapho isinengiso sabantu sikhona. NeNgelosi iphumile ukuphawula futhi. Ngitholele umuntu oyedwa e Jeffersonville, uma ufuna ukwazi ukuthi ngubani ozokwenza, ngitholele umuntu oyedwa edolobheni lakithi obubulayo nokhalayo, njalo ozikhathazile nozikhandlile, ekhulekela izinengiso ezenziwa edolobheni. Ungesiphakamise isandla sakho usibeke phezu komuntu oyedwa na? Ngakho-ke thatha lomBhalo, "Isango lincane, nendlela iyingcingo, eyisa ekuPhileni, bayingcosana abayakuyifumana." Yilabo kuphela ababezophawulwa.

118 O, ngingakukhombisa abaningi abaya esontweni. Ngingakukhombisa abaningi abacula ekwayeni. Ngingakukhombisa abaningi abafundisa u Sontosikole. Ngingakukhombisa abaningi abayinhloko ye—yezinhlangano ezinkulu. Ngingakukhombisa abaningi abamemezayo, abaningi

abakhuluma ngezilimi, abaningi abasebenza umsebenzi weVangeli.

119 Kodwa ngikhombise oyedwa phansi enhliziyweni yabo abakhathazeka kakhulu ngezono zezwe! Ngikhombise umfundisi ongama namuhla ahlabe lawomahlelo. Ngikhombise umshumayeli oyoma asho izinto, awahlabe amahlelo. Ungcono angakwenzi, uyokhahlelwa aphume, lelo yithikithi lakhe lokudla.

120 Akumangalisi u Billy Graham atshela u Jack Moore, wathi, akaboni ukuthi izinkonzo zami zima kanjani, wathi, "Akasuye umBaptisti, akasuye ngisho umMethodisti kumbe umPentekoste." Wathi, "Futhi bonke bamelene naye." Impela, angikusho lokho . . . Isizathu esenze ngikusho, ngingeke ngakusho emphakathini. Ngikusho ebandleni okungelami. Nginomzabalazo, ngoba ihora lokuvivinywa likimi.

121 Bathi, "Uma uzoza, kuyoba kuhle, kodwa ungasho lutho ngaloKho." Nawe ungamane usindise ukuphefumula kwakho.

122 Ngiyoshumayela lokho uNkulunkulu athe angikushumayele! Kunjalo. Omunye wabo abayisishiyagalombili uyoba ndawana thize. Oyedwa wabo uyoba ndawana thize. Kodwa ngalolosuku angifuni ukuba necala lokuthi ngayekelela ngenxa yesivumokholo esithize noma ngemfundiso ethize yesonto, kumbe ngehlelo elithize. Ngilishumayelile iQiniso!

123 Bathi, "Awubi ngani, yin'indaba intshumayelo yakho, Mfowethu Branham, ebonakala inkulu kangaka, ayibhebhetheki ngani njengoba kwenza lawa amanye amadoda na?"

124 Kunjalo khona laphaya. Kunjalo. Ngiya edolobheni, ucabanga ukuthi ama Assemblies of God ayosebenzelana nami na? Qha kulokhu engikukholwayo, abalokothi. Ngingathola oyedwa kubekanye okwesikhashana. Ucabanga ukuthi iMethodisti iyokwenza na? Zama, uthole. Yiba yimenenja yami iviki elilodwa. Uma ungena, uyongena ngeGama likaJesu. Kunj alo.

125 O, impela, bakubeka lapho, impela, bakubeka lapho endaweni ethize, futhi ukuze ungabi nakuxhumana nabo noma ngaziphi izindlela ezinjalo. Futhi bese kuthi nxa usuhamba, bathi, "O, manje, uMfowethu Branham sengathi akaphelele kancane ebuchosheni, niyazi. U.

126 Uma ngingaphelele ebuchosheni, kanjalo neBhayibheli aliphelele ekuFundiseni. Yilokho iBhayibheli elakushoyo! Yebo, mnumzane. Qaphela!

127 UJesu wathi, "NiNgibizelani ngo 'Bhelzabhubhe na'? Namkholwa u Solomoni, isibonakaliso sakhe sokwahlukanisa. Nalukholwa usuku lwakhe. INkosikazi yaseNingizimu ivela emikhawulweni yomhlaba, ukubona lesosipho, futhi yasikholwa lapho isisibona. Futhi nihlezi nisibuka nsuku zonke, futhi anisikholwa."

128 Futhi abafowabo baKhe Qho abaMkholwanga. Bathi, "Yenyukela emkhosini," Wathi, "kodwa Angenyukeli manje." Wenyuka ngenye indlela, ngoba abazalwane baKhe Qho abaMkholwanga. Kunjalo. "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi kepha bayakuba yingcosana abayakuYifumana.

129 Nxa sekuza kubafundi, ekubonakalisweni kwamaqiniso, babekuphi na? Owesifazane nowesilisa bema ngasesiphambanweni kanye naYe, uJohane noMariya. Abanye babo base behambile.

130 Nanka amaqiniso. Yilesi isikhathi. Nakhu la uNkulunkulu enza khona izinto. Kuyilokhu lapho uMesiya esemhlabeni khona. Kuyilokhu lapho aMandla kaNkulunkulu ehamba khona kubantu baKhe. Futhi bababiza "ngabaginqiki abangcwele, izinhlanya, abasangene," o, kanjalo nje. Kodwa ihora lilapha!

131 Impela kuzobakhona okunye ukujabha okukhulu ekwahlulelweni.

132 O, ugweva, uyazi ukuthi uzoba kuphi ekwahlulelweni. Wenzenjalo nojahana notshwala uyazi ukuthi uyoba kuphi. Senzenjalo nesifebe siyazi ukuthi siyoma kuphi. Wenzenjalo nomgembuli uyazi ukuthi uyoma kuphi. Senzenjalo nesidakwa siyazi ukuthi siyoma kuphi. Asiyukujabha.

133 Kodwa ojabhile lapho ezobakhona, yilabo ababecabanga ukuthi babehamba ngokuyikho. Kulapho ukujabha. "Nxa sebefike phezulu lapho, bathi, 'Impela, sakhipha amademoni ngeGama laKho. Singabashumayeli. Singabamabandla athize-thizeni. Senze ezinkulu izimangaliso. O, sashumayela! Ngani, bengili—bengiligosa ebandleni. Bengingumbhishophi. Bengiyi *lokhu*.' Sukani kiMi, nina benzi bokubi, Angizange nginazi." Nakho la ukhona. Yilokho ukujabha. Wathi, "Abantwana babantwana babo bayongena bahlale phansi eMbusweni, bathi, 'Sinelungelo lokuba lapha,' futhi bayolahlelwa ngaphandle ebumnyameni, lapho okuyobakhona ukukhala nokulila nokugedla amazinyo." "Isango lincane, indlela iyingcingo, eyisa ekuPhileni, bayingcosana abayoyifumana."

134 Kinina, bantu bami abathandekayo, namuhla ekuseni, lalelani lokhu. Angikaze lokhu ngikuphakamise. Ngibophezeleke ekubeni ngiKusho. Yilokho kuphela engibophezeleke kukho. Uma ngingashumayeli enye intshumayelo empilweni yami, lelo yiQiniso: kuzobakhona ingcosana nje yabantu ezosindiswa. Khumbulani lokho nje: ingcosana nje. Yiba ngomunye wabo.

135 "Bangobani, Mfowethu Branham na?" Angazi. Akekho omunye owaziyo. Sifeza ukusindiswa kwethu ngokwesaba nangokuthuthumela.

136 Kodwa wena yiba semgqeni noNkulunkulu. Uma inhliziyo yakho ingashayi nje kanye naleloBhayibheli, khona-ke kukhona okuliphutha, kukhona okuliphutha. Akunandaba ukuthi

ibandla lakho lithini, ungeke uhambe ungene ngalokho. Ufanele uhambe ungene ngalokho okwashiwo nguNkulunkulu. Yilena iNcwadi oyohlulelwa ngayo, iBhayibheli. Hlalani naLo!

137 "O," uthi, "kuhle, ngibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu." Lokho kulungile, yiBhayibheli lelo. Kodwa uma leyompilo ingalilandeli, akukwenzelanga lutho oluhle ukubhaphathizwa.

138 Uthi, "Kuhle, ngimamukele uMoya oNgcwele." Lokho kuhle, yilokho obekufanele ukwenze. Kodwa uma ukuphila kungekho phakathi lapho!

139 Khumbulani, ukhula lwamukela amandla afanayo ehlela kukolo ukuwenza ukhule, enza ukhula lumemeze, futhi. Ukhula oluncane oludala luyama luthi mpo lujabule njengokolo. Kunjalo, luphila ngokuphila okufanayo. Nesoni singahlala Phambi kukaNkulunkulu, simemeze ngokunqoba, futhi siphile njengomKristu. Kodwa uma kungekho okwehlukile enhliziyweni! Singaba naMandla afanayo okukhipha imimoya emibi. UJesu washo njalo. Singashumayela iVangeli kahle kakhulu njenganoma kungenza noma yimuphi omunye umshumayeli. Yilokho impela, uJesu washo njalo. IBhayibheli liyakufundisa. Yebo, mnumzane. "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolwezingelosi, noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe njengomnikelo, ngabela abampofu konke enginakho, ngi—nginokukholwa okugudluza izintaba, ngenza zonke lezizinto, ngishumayela eGameni laKhe, ngikhipha amademoni eGameni laKhe," wathi, "Angilutho." Ngakho, wayengakwenza, futhi "lutho." Uyawuthola umqondo na?

140 Manje, into emelwe ukwenziwa iyilokhu, enhliziyweni yakho, yiba ngumKristu, manje ngena esangweni elincane. Ngokuba, inkulu indlela eyisa ekubhujisweni, futhi izigidi eziphindwe kazigidi kulesisizukulwane zamakholwa ziyohamba ziyongena lapho. Ngoba, isango lincane, indlela iyingcingo, nguwe noKristu nje kuphela.

141 "Indlela iyingcingo eyisa ekuPhileni, futhi bayingcosana nje abayakuyifumana." Manje, lawo ngamaZwi eNkosi yethu. Wo! Wayenzani na? Emi lapho, ahlukanisa imicabango yabo.

142 Futhi wathi, "UnguBhelzabhubhe. Kuhle, Angaba kanjani nguNkulunkulu na? UnguMuntu! Lokh'uk'hlakanipha kuvelaphi na?" Basho edolobheni lakuBo Qobo.

143 Nxa ungena edolobheni lapha, kubonakala sengathi... Angikusho lokhu ukunibukela phansi bakithi; ungumKristu, uyangithanda. Ungena edolobheni lapha, futhi kubonakala sengathi amandla kaSatane akushaya akulahle phansi. Lendawo yahlulelwe. Lelidolobha lahlulelwe.

144 Wathini u Billy Graham ngenkathi engena e Louisville na? Wathi leyo "yindawo enamandl'amademoni ngokwadlulele" asake wayibona empilweni yakhe. Wakuloba ephepheni, wathi, "Uvele ukuzwe ukucindezela kuka Develi."

145 Imbangela, ngiyakuzwa. Ngani na? Leli yikhaya okungelami. Lapho uJesu ebuyela ekhaya lakuBo Qho, Wathi, "Imisebenzi eminingi enamandla Akayenzanga, ngenxa yokungakholwa kwabo." Wathi, "Umprofethi kadelelwa, umshumayeli, ngaphandle kwelakubo—ezweni lakubo, nasendlini yakwabo." Niyabo? Akukho ongakwenza, umBhalo usho njalo. Niyabo?

146 Manje, uma ungena edolobheni lapha! Futhi ungangitsheli ukuthi ngingeke ngazi. Ngenyukela kubantu abangixhawulayo bathi, "O, Mfowethu Branham, ngiyakuthanda." Futhi uyazi ukuthi amanga lawo! Uyazi ukuthi amanga. Uma uNkulunkulu engangitshela ukwahlukanisa kwenhliziyo, Angengitshele ngani lokho na? Impela, futhi khona phakathi kwabantu bakini kulelidolobha!

147 Nxa bekubona, bathi, "Kuhle, uyazi, ngibonile endaweni ethize-thizeni."

"Kuphi na? Bekukuphi na?"

"Enhla kulokho . . . "

"Hhe! Siyayazi leyonsizwa!"

148 Uyakuzwa. Ake ngikutshele, ake uvumele umuntu othize afike endlini yakho ongakuthandi kakhulu, athi ukuhlala hlala endlini yakho futhi uzwa lokho kuzwa okuyinqaba. Phindaphinda lokho ngeshumi nane lezinkulungwane manje, khona-ke uyakuthola engikhuluma ngakho. Bese ufika endaweni lapho wonke umuntu ekuthanda khona, lowo muzwa wokwamukeleka, ovele, o, he, futhi ungavele uhlale lapho njalonjalo, niyabo. Kuyilokho, niyabo, kungumoya. Futhi abantu abazi ukuthi kuyini, bayamangala ukuthi kungani abantu bonakele kangaka.

149 Yini eyenza abesifazane abalungileyo, yini eyenza abesifazane abalungileyo bagqoke izingubo ezingahloniphekile futhi baphumele lapho na? Yini eyenza, ngisho namanje nxa kusabanda, amantombazanyana eshumi nesithupha leminyaka ubudala, egqoke izingubo engafanele ngisho ukuzigqoka phambi kukanina, futhi naphandle emgwaqweni na? Kungoba, hhayi lowomntwana (lowomntwana akakwazi okungcono), kodwa ngenxa yokuthi omunye umshumayeli epulpiti uhlulekile ukubamba isikhundla somsebenzi wakhe. Kunjalo impela. Impela. Abesifazane baphumela emgwaqeni, nakho konke ukugqoka okukhanukisayo nezinto ezinjalo, nezoni ziyababuka futhi akazi ukuthi empeleni unecala njenganokuthi uhlale nayo leyondoda. UJesu washo njalo! UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe, futhi uyoziphendulela ngosuku lokwahlulelwa." Isango lincane, nendlela iyingcingo!

150 Ngiyazi nicabanga ukuthi ngingumuntu ol'khuni. Angil'khuni! Ngingumfowenu, futhi ngiyanithanda.

151 Balekelani ulaka oluzayo! Yanini esiphambanweni nikhale inhliziyo yenu ize igcwaliswe ngoMoya waKhe, oyakuniphendula nifulathele konke okungokwezwe, futhi nihambe ngokumesaba uNkulunkulu phambi kwaKhe, nenhliziyo yenu ivuthela Yena. Uthando! Hhayi umsebenzi. UKristu akasiwo umsebenzi, ukukhonza uKristu, luthando olukhonza uKristu. Luyakucwenga, lukucindezele, kuze kuthi konke ukushaya kokuphila kwakho kushaye kanye naYe. Kuyilapho la ubona khona isono.

152 Futhi Wawukhalela umhlaba. Kwamcunula uNkulunkulu emihleni kallowa, lapho Ebona izinhliziyo. NoJesu wahlala entabeni, wayesethi, "Jerusalema, Jerusalema, beNginibuthela kangaka, kodwa ihora lenu selifikile nendlu yenu isishiywe ichitheka."

153 Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana kaNkulunkulu, izinhliziyo zekholwa leqiniso yephukile. Ubona khona manje ukuthi kufanele kubekhona imvuselelo ebhebhetheka kulelizwe. Kungaba kanjani ngesixuku samavezandlebe na? Kungenzeka kanjani, nxa bahlulelwe kusukela ekuqaleni na?

154 UMbuso kaNkulunkulu unjengomuntu owaphonsa inetha olwandle, futhi, eselikhiphile, wayenezimfudu zasolwandle, izimfudu, izinyoka, amaxoxo, ezinye izinhlanzi. Akusuyena owanqumayo ukuthi yiziphi, wavele waliphonsa onqenqemeni. Lenzenjalo iVangeli. Yilokho okwenziwa u Billy Graham, u Oral Roberts, nami, nabo bonke abanye abashumayeli abashumayela iVangeli, baliphonsela ngaphandle, balidonsele phakathi, "Nampo, Nkosi." Kodwa senzani ngezikhathi zonke na? Siyathola ukuthi, ngaphambi kokuba ubuye futhi, zibuyela emuva echibini futhi. Kuyini na? Ukuqala nje, kwakulufudu lwasolwandle. Lokho akumguqulanga, ukubanjwa enethini leVangeli. Wayelufudu lwasolwandle kusukela ekuqaleni. Wayelufudu kusukela ekuqaleni. Wayeyinyoka kusukela ekuqaleni. Wayengumzenzisi ngaphambi kokuba aze angene ebandleni. Wayengenasifiso ngisho sokuyeka uphuzo lwakhe nokugembula, nokubhema nokuqamba amanga, nokweba. Uvele angene ngoba wayesaba isihogo. Uzenza imfunda yaso kakhulu, nxa wenza lokho. Lokho kuyiqiniso. "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi bayoba yingcosana abayakuyifumana."

Asikhuleke.

155 Nkosi, o, ngihlole, Nkosi. Vivinya icala lami khona manje, Nkosi. Ungangiyeki ngize ngibe phambi kokwahlulelwa phambi kwaKho, emva kokushumayela ngalendlela. O, uma kukhona noma yikuphi ukungcola kimi, Nkosi, kususe, ngiyacela! Sibona usuku esiphila kulo, lapho abesilisa nabesifazane bephenduka isitashi kangaka. Banamahloni. Wathi ngesinye isikhathi, "Akukho ngisho ukukhophozela phakathi kwamadodakazi ase Siyoni." Inhlonipho yawo isisuswe ngangokuthi awasalokothi ngisho ukukhophozela. O, Nkosi, cabanga ngakho! Futhi ukwazi

ukuthi isigamu sesikhathi ngaleya siya ngokuphela, umzuzu nje noma emibili ngaphezulu, nembubhiso enkulu iyofika, ngakhoke lowo ongcolile makazingcolise njalo.

156 Nkulunkulu, sivuse sonke namuhla ekuseni. Sinyakazise, Nkosi! Siyazibona izibonakaliso zivela. Sivule amehlo ethu ukwazi lokho. Sibona izigidi, izigidi, Nkosi, ezifulathelile zahamba. Ngiyamangala, ngingenzenjani, ngingenzenjani, O Nkosi na? Kukhona okukhona, yini Nkosi? Uma kuthatha ukushumayela okuningi, umkhuleko omningi, noma yini okuningi, ngisize, Nkosi, ukuze ngilethe uMlayezo kubantu. Ngingenze njani na? Kodwa bayaqhubeka baWenzela phansi. Wenza izibonakaliso zaKho ezinkulu futhi wenze izimangaliso zaKho, kepha nokho abantu bayazigxobagxoba. Yingoba umBhalo waKho umele ugcwaliseke, yiso yini isikhathi esithi "Akekho umuntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi na"? Nkosi Nkulunkulu, yenza namuhla ekuseni ukuthi abantu bazovuka basibone lesisibonakaliso sokugcina somhlaba. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi abantu Uzobapha okuthize.

157 Busisa lababantu abancane lapha namuhla ekuseni. Nkulunkulu, qala ngoMfowethu Neville, Nkosi. Phulukisa umzimba wakhe. Uyagula namuhla ekuseni, Nkosi, uxhaphazela isisu. Ngiyakhuleka ukuthi isandla saKho esiphulukisayo sizoba phezu kwakhe. Shukumisa umphefumulo wakhe.

158 Nkulunkulu, phuma uye phakathi kwalelibandla. Kukhona abesilisa nabesifazane abahlezi lapha engingephinde ngibabone futhi kuze kube ngalolosuku ekwahlulelweni, khona-ke ngimele ukuziphendulela. Kodwa ngilifundile iZwi laKho, "Isango lincane, nendlela iyingcingo, futhi kepha bayakuba yingcosana abayikuyifumana." O Nkosi, makube yibo labo "abayingcosana," abanye babo, Uzokwenza, Nkosi na? Muphe lokho wonke umuntu lapha.

159 Ngithandaza kuphela njengalokhu umuntu enokuthandaza. Nkosi, lababantu bebeyongenzela noma yini, ukungisiza. Uma ngangilambile, bebeyongipha ukudla. Uma bengidinge isudu, bebeyoyithenga. Bebeyohamba ndawonye bangithengele imoto, ukushumayela iVangeli. Bebeyongenzela noma yini ngaleyondlela. O Baba, hlola imiphefumulo yabo namuhla ekuseni, ngiyacela kwenze, futhi ubenze nabo bayihlole phambi kwaKho. Angazi, ngiyethemba ukuthi bonke bakulabo baKhethwa. Nami ngibeke lapho, futhi, Nkosi. Futhi uma kubakhona noma yisiphi isizathu kimina esingangenza ngingabi lapho, Nkosi, vele Usembule kimi, ngizosilungisa khona manje. Ngifuna ukuqiniseka, Nkosi, ukuthi ngalokho-kusa akuyikubakho nkathazeko emfuleni. Ngifuna ukuhamba ngingene ngalolosuku. Futhi angazi ukuthi lokho kuyakuba nini, kungabakhona nje namuhla. Ngakho, ngisize ukuba ngazi, siza lababantu ukuba bazi.

160 Futhi nxa sibona izinhliziyo zethu ukuthi azinakile! O, siyawujabulela uMlayezo omuhle ukuwulalela emsakazweni, noma siye esontweni. Siyawuthokozela uMlayezo omuhle. Akusikhathazi ukukhuluma ngoJesu ndawo thize. Kodwa, Nkosi, ngabe isono siwumthwalo kangaka kithina ukuthi sisifikisela izinyembezi emehlweni ethu, sibubula sikhala futhi simi siphikisana naso, yonke into, isinengiso esenzeka edolobheni na? Nkosi, iNgelosi kaNkulunkulu mayikubone lokho phezu kwethu, isibeke uphawu. Siphe lokhu, Nkosi.

161 Yebo woza, Nkosi Jesu, manje ulungise izinhliziyo zethu, futhi usinikeze izibonakaliso zaKho zeqiniso ukuthi Uphakathi kwethu, ukuze sazi ukuthi semukela—semukela isibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuphela kwalesisizukulwane.

162 Futhi siyabubona ubuvezandlebe, lapho indoda iphila esizweni futhi inabantwana abazalwa ngabafazi benye indoda, ne—namantombazanyana emgwaqeni, namakhulu exoshwa ezikoleni minyaka yonke nabasha bephenduka omama, futhi akukho nhlonipho, nokuthi abesifazane baphenduka ushevu kanjani, bona ngokwabo, ngokubhema no—nokuphuza, namatelevishini nokunye okonakalisa imiqondo yabantwana. O Nkosi, kuyoma kuze kube nini na? NaWe, Nkulunkulu ongoNgcwele!

163 O Baba, ngi—ngizwa okungajwayelekile namhlanje ukuthi kukhona okufanele kwenziwe ngokusheshа, Nkosi. Angazi ukuthi ngithini, kodwa ngiyathandaza, Nkosi, ukuthi Uzobeka ezinhliziyweni zethu ukuthi akwenziwe ini. Siphe lezizinto, Nkosi. Sizicela eGameni likaJesu. Ameni.

164 Ihora selifikile. Wonke umuntu ohlakaniphile onengqondo, uyazi ukuthi kukhona okuzokwenzeka. Akukho muntu kulendlu, ophusile emqondweni, ongazi ukuthi lelizwe lingeke lama kulezizimo. Singeze sama, bangani. Akukho nokukodwa, njengomfundisi wenu nomfowenu, akukho nayinye into enginganiholela kuyo namhlanje ekuseni kepha kuJesu Kristu. Akukho-nto engiyaziyo. Vele ucabange ngezinto eziprofethwe ukuthi ziyofika ngaphambi kokuba uHlwitho lwenzeke, konke engikwaziyo sekugcwalisekile.

165 Uthi, "Uthini ngophawu lwesilo na?" Lokho kuzofika ekuHluphekeni. IBandla liyobe selihambile ngaleyonkathi. Ngeke babekwe uphawu laba, laba sebehambile, niyabo, ukubekwa uphawu kuyenzeka manje. Ukubekwa uphawu kungukukhombisa, uphawu. Balekelani kuNkulunkulu, balekelani kuYe ngokusheshа!

166 Ngiyamangala namhlanje ekuseni, ngenkathi sisalinde lapha umzuzu nje. Futhi ngizwa sengathi nani niyamangala. Ngi—ngiyawuzwa umuzwa wenu, ngamunye kini nizama ukucabanga, "O Nkulunkulu, ngihlolisise!" Ngizwa ngaleyondlela, futhi. Ngiyaqonda ukuthi leMilayezo enjalo, mngani, ayithandeki

phakathi kwabantu. Niyayilahla futhi niyil-. . . ni—nivele niyibukele phansi. Ukhona ozokwenza lokho. Ngifisa sengathi mhlambe bekube ngomunye umuntu. Kepha uma unkatho ludla mina ukuba ngikwenze, uma ngizoba ngowesifazane okolobhayo, mangikolobhe. Uma ngi . . . uDavide wathi, “Ngikhetha ukuba ngudomethe eNdlini kaNkulunkulu, kunokuhlala emathendeni nesono.” Kunjalo. Noma yini uNkulunkulu afuna uyenze, yenze. Ungabi namahloni. Uma kukhona . . .

167 Futhi, khumbulani, ngiyazi ukuthi lokho kuyinto enkulu. Uthi, “Mfowethu Branham, uthi yimiphefumulo eyisishiyagalombili kuphela eyosindiswa na?”

168 Angazi ukuthi bangaki abayosindiswa, ngeke ngakutshela. Kodwa ngisho into eyodwa: bayoba yingcosana impela, osukwini olunjengalolu. Cabanga nje, ngalolosuku lapho Ayekhona, bangaki abasindiswayo. Cabanga ngosuku lukaNowa, nangosuku luka Loti—uLoti, nabo bonke, Wathi, “Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, ngoba, isango lincane, nendlela iyingcingo.” Niyabo, hamba uzingenele wena, kanye naYe, futhi yilokho kuphela. Niyabo? “Futhi kepha bayoba yingcosana abayoyifumana.” Bangaki abakholwa ukuthi lokho kuliQiniso leVangeli na? UJesu Kristu, niyabo, “Bayoba yingcosana abayoyifumana.” Bayingcosana nje. Yiba ngomunye walabo abayingcosana. Ngiyazi ukuthi lokho kul‘khuni, kuyakhathaza. Futhi kungubunzima kimi ukukusho, ukunizwela uthando lobuntu, kodwa uthando lukaNkulunkulu luyangicindezela ukuba nginitshele.

169 Manje, uMoya oNgcwele ofanayo owasebenza ezinsukwini zika Abrahama, wasebenza ezinsukwini zikaKristu, uthenjiswe ukubalapha ukwenza into efanayo. Ulapha. Manje, uma nginitshele iQiniso, uNkulunkulu uzibophezele kuleloQiniso.

170 Uma ngingaligcini izwi lami, angisuyena umuntu wezwi lami. Uma ungaligcini izwi lakho, awusuyena umuntu wezwi lakho. Manje, ngingakwethembisa into ethize futhi ngingayenzi, kodwa—kodwa ngiyoza ngikutshele. Uma ngikukweleta utho, bese ngikucashela, ngingumzenzisi. Uma ngifika ngikutshele, “Ngiyakukweleta, kodwa angikwazi ukukukhokhela, kodwa ngizokwenza konke okusemandleni,” ngakho ngithethelele ungisize. Niyabo?

171 Sonke sikweleta uNkulunkulu utho. SiMkweleta izimpilo zethu. Masibe qotho ngakho. Phuma uthi . . . Ungasho ukuthi, “Kuhle, manje buka, ngi—ngiyi Presbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiPentekoste. NgiyiBandla likaNkulunkulu. NgingumNazaretha. NgingowoHambo oluNgcwele.” Ungakucabangi lokho! Kuyobakhona izigidi zalabo esihogweni. Yiba ngumKristu, kuKristu.

172 Bangaki abazothi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni manje, ngifuna ukusukuma na"? UNkulunkulu akubusise.

173 Nkosi, Uyazibona izandla zabo. Ihora lilapha, uMoya oNgcwele omkhulu uthulise lendlu namuhla ekuseni. Ngiyabuzwa uBukhona baKho. Ngiyaqonda ukuthi Ulapha ukuhlonipha iZwi laKho. "Mina Nkosi ngitshalile, futhi Ngiyakukunisela imini nobusuku, funa abanye bakuhlwithe esandleni saMi." Wathumela iZwi laKho ukwenza inhloso, futhi Liyo—Liyofanele likwenze lokho, Nkosi. UmBhalo uthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade.

174 Abakholwanga, labobantu emihleni yaKho abakholwanga ukuthi uMoya oNgcwele wabe ukuWe. Futhi Wazenza Wena (unguMuntu) uNkulunkulu, okungukuthi, WawuyiNdodana kaNkulunkulu eyazalwa yintombi-nto eyeza emhlabeni ukuzosihlenga ezonweni zethu. Futhi ngoba babebonile uMoya kaNkulunkulu kuWe, bazama ukukwenza kwahluke. Futhi Wabatshela, Nkosi, "AkusiMina engenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi. Wenza imisebenzi. Uma nabiza u Abrahama ngo 'yihlo.' U Abrahama walubona usuku lwaMi." Impela, walubona, ngenkathi emi ngakuYe, waMbona enza leyomisebenzi nesibonakaliso. "Walubona usuku lwaMi wathokoza." Wathi, "Niyaduka, ningawazi umBhalo naMandla kaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayisibekela kanjani intombi-nto, nokuthi izale iNdodana (ngokuzalwa yintombi-nto) wahlala Yena qobo ekugcwaleni kwaMandla aKhe, kulowoMuntu oyedwa."

175 Nokuthi Walithatha kanjani leloGazi elifanayo kulowoMzimba Awunikela njengomHlatshelo, wangcwelisa abantu ukuze Yena qobo ahlale phakathi, aqhube umsebenzi waKhe kube sekupheleni kokupheleliswa! O, Nkulunkulu, vusa abantu ukuba bakubone lokho. Siphe khona. Sindisa bonke abaphakamise izandla zabo. Hlanza izinhliziyo zabo. Nkosi, izandla zami ziphakeme. Ngihlanze, O Nkosi. Lena yindlu yokuqondisa. Lena yindawo lapho okufanele sigezwe khona. UMoya oNgcwele makasigeze namhlanje ekuseni, futhi asihlanze kukho ukonakala.

176 Siyathandaza, Nkosi, ukuthi akuzukubakho muntu osuka lapha engagcwaliswanga ngoMoya waKho. Mhlawumbe akuyikubakho nokukodwa ukushukuma kwangaphandle uma kwenzeka. Kodwa, Nkosi, ngena ngaphakathi, hluba uqweqwe usikhombise ukuthi sinjani, Nkosi. Kwenze. Bese usigcwalisa ngoMoya waKho, ngenhliziyo eliqiniso nehlanzekileyo. Nakulesisikhathi sezinhlupho nezivivinyo ezilukhuni, Uyokhula ubemnandi uthandeke kithina sisahamba, silinde lolosuku. Ngesikhathi izinyembezi zigeleza zehla ngezihlathi zethu, ngenxa yezono zedolobha, sengathi uMoya oNgcwele ungabuka phansi bese uthi, "Munye eNgingamphawula, owesilisa

ungowaMi, owesifazane ungowaMi." Siphe lokhu, Nkosi. Sengathi kungatholakala phakathi kwethu namuhla. Sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

> Nxa ngifika emfuleni ekupheleni kosuku,
> Nemimoya yokugcina yokudabuka isiphephulile;
> Kuyobakhona umuntu olindile oyongikhombisa indlela,
> Angiyikuliwela i Jordani ngingedwa.
>
> Angiyikuliwela i Jordani ngingedwa,
> UJesu wafa ukuhlawulela zonke izono zami;
> Nxa ngibona ubumnyama, Uyobe engilindile,
> Angiyikuliwela i Jordani ngingedwa.

177 Ngifuna ukuMazi manje. Thatha isandla sami, Nkosi ethandekayo, ngihole njalo, mangime. Mangime lapha, Nkosi, ukuphikisana nakho konke okubizwa ngokuthi yiphutha, konke okubukeka kuliphutha. Angikhathali ukuthi ubani uthini, mangime, Nkosi. Nxa sengenze konke engingakwenza, ngisize ngime. Thatha isandla sami ungidonse ungedlulise kukho, Nkosi. Yenza okuthize, mangime. Uma lezozinto zifika, namagugu alelizwe nabobonke ubukhosi balo nenkazimulo yalo; phuphuthekisa amehlo ami kulo, mangibone Yena kuphela Owangifelayo. Uma kubiza bonke abangani enginabo, uma kubiza yonke into enginayo; lokho akuthi shu, ngikunikela konke e altare. Kunjalo, mangime ngethembeke. Futhi ngolunye usuku lapho ukuphefumula kuphephetha ebusweni bami ngqo, futhi ngazi ukuthi inhliziyo yami isihambile nezinsuku zami seziphelile, nesikhathi sami sesiphezulu nekhadi lami selithathwa eshalofini, angifuni ukuwela i Jordani ngingedwa. Uyoba lapho. Yebo. Lapho sengibona ubumnyama, Uyobe engilinde lapho, angiyikuliwela iJordani ngingedwa. Uma ngizomela Yena manje, Uyongimela ngalesosikhathi. NgizoMphilela Owangifelayo, iyojabula kakhulu impilo yami ngalesosikhathi. Yileyondlela engifuna ukuma ngayo.

178 Ngiqagele kukhona abantu abagulayo lapha. Ngabe akhona amakhadi awakhiphileyo na? Ngikhohliwe. Ngabe bawakhiphile amakhadi na? Akhona amakhadi akhishiweyo na? Ukhona umuntu onamakhadi okukhulekelwa na? Qhabo.

179 Kulungile, ngilindele uMoya oNgcwele nje. Uma nikholwa nje kuphela, nibe nokukholwa nje, ningangabazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi izinkathazo zenu . . . Noma iyini, angazi; uma uphakamisa isandla sakho, awungazi nami angikwazi. Ngakho uma uNkulunkulu ezokwembula lapha, nizokholwa ukuthi kwakuyiNgelosi efanayo eyaletha uMlayezo ngaphambi nje kokubhujiswa emuva laphaya, kuzoba yiNgelosi efanayo ebiwuletha khona manje ngaphambi kokunye ukubhujiswa. Nizokholwa yilokho na? Uma nizokukholwa,

phakamisa isandla sakho. Kulungile. Kulungile, sengathi iNkosi ingakwenza.

180 Ihlezi eduzane kwami. Ukhona omunye ohlezi eduzane kwami, ngabe uNkk. Snyder ulapha, kumbe lo Nkk. Murphy lapha, ubani igama lakhe, ohlezi khona lapha. Ngiyabazi.

181 Angiyazi lendoda, iyisihambi kimina. Kodwa uNkulunkulu uyayazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula manje, bangaki abaziyo ukuthi lokho yi . . .

182 Manje, nina, ningabuki mina. Wo, ngingokanye nani wasemagqumeni ase Kentucky, maqondana nalokho. A—anginayo ngisho imfundo eyaneleyo, nhlobo, uku—ukuloba igama okungelami. Kodwa kunye engikwaziyo, ngazi Yena. Futhi lokho, yilokho—yilokho kuphela engikhathalela ukukwazi. Manje, ninga—ninganaki ukuthi ulimi ngilukhuluma kanjani.

183 Futhi ningacabanga ukuthi iNtshumayelo yami namuhla ekuseni ibiphume yaphela emgqeni nakho konke, iqhathanise neBhayibheli ngesinye isikhathi ubone ukuthi awukho yini ngqo esiyingelezini sepulangwe lokudubulela. Ubone ukuthi inkomba yakho ayikho yini phakathi uma u—uma uyibeka lapho. Ungayiqhathanisi nemicabango yakho, kodwa iqhathanise nalokho Akushiloyo. "Isango lincane, indlela iyingcingo, futhi bayoba yingcosana abayoyifumana; ngokuba indlela ibanzi eyisa ezimbubhisweni, nesango libanzi, futhi baningi abayongena khona," izigidi eziphindwe kazigidi ziyongena lapho. Oyedwa esigidini mhlawumbe uyoba ngendlela okufika ngayo. Nakho la ukhona. Yilokho Akushoyo. Manje, Akazange anikeze lelonani, kodwa Wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni ka Nowa, imiphefumulo eyisishiyagalombili. Njengoba kwakunjalo emihleni yase Sodoma, bathathu." Kuyoyonke into, bathathu abasindiswayo, ngomlilo. Kuyobanjalo!

184 Manje, uma nayimuphi umuntu ongowokomoya, ngempela, ngifuna nibuke lendoda ehlezi lapha, ingiqaphele ngokugxilile impela. Iphakamise isandla sayo, angiyazi; angikaze ngiyibone, futhi angazi lutho ngayo. Ihlezi lapho nje iyangibuka. Kodwa, niyabo, yenza ukuxhumana, iyathandaza. Manje, kunjalo. Manje, uma iNkosi izongitshela . . . Leyondoda ehlezi buqama ukusuka kimi, futhi lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala, futhi nanso ihlezi lapho. Uma iNkosi izokwembula kimi ukuthi iyini—ukuthi iyini . . . Ngi—ngingeyiphulukise. Angiphulukisi, ngingekwenze lokho, ngoba uNkulunkulu usevele ukwenzile lokho. Kodwa kuyokwandisa ukukholwa kwakho. Wonke umuntu uyabona manje, Ukhona khona lapha, wona uMoya ofanayo. Futhi khumbulani, uJesu wakwethembisa lokhu, ngaphambi kwesikhathi sokuphela. Bekuhlala njalo kuba yisibonakaliso sokugcina.

185 Ngolunye usuku, u Leo nami sasihlezi emgwaqeni, nabanye bethu bexoxa. Futhi ngangilokhu ngizwa ukuthi kukhona uguquko oluzayo, uguquko oluzayo. Lapho sikhuluma ngakho, akuyikuba luguquko entshumayelweni yami, ngoba ayisayikubakho, kodwa kuyoba wuguquko kimi. Bengihlala njalo ngiba ngumuntu ophela amandla ngivele ngiholwe ngabantu bangiqondise, futhi ngisiwe *ngapha* na *ngale*. Ukuba bengenze into iNkosi eyangitshela ukuba ngiyenze kudala, bengingebe senkathazweni engikuyo namuhla. Ngiyaphuma kuleliviki elizayo ukuba ngibengedwa noNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Ngi—ngifanele ngizwe eZulwini. Angifuni ukuba ngumuntu ophela amandla, ngifuna ukuma ngokukholwa kwami.

186 Indoda, iyilokhu ibuyela kuyo, ihlezi ngemuva le, ngoba leyondoda iyakholwa, iyakholwa impela. Ngibuka abalaleli nxa zonke, futhi kuwela emuva ngqo endodeni. Inesidingo, inomthwalo, kodwa inomthwalo womunye umuntu. Kunjalo. Uthandazela omunye umuntu. Unomunye umuntu enhliziyweni yakho. Kunjalo, akunjalo na? Ngumngane. Uma ngikutshela ukuthi kwenzenjani kulowomngane, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uphuzo olunamandla. Kunjalo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho.

187 Uyakholwa na? Abathile lapha baphakamise isandla sabo, owesifazane emuva lapha, omunye. Yebo. Yebo. Aningazi? Ngiyisihambi kini nonke? Anginazi, kodwa uNkulunkulu uyanazi. Niyakukholwa lokho na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okusenhliziyweni yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Nenekazi elincane, okhathazeke ngakho ileyongane laphaya. Kunjalo. Nalokho kwengane kunotwayi ebusweni bakho. Udokotela ayikho into angayenza ngalo. Uyisihambi lapha, futhi wena nothandekayo wakho enihlezi lapho. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu anganitshela ukuthi ningobani noma nivelaphi na? Niyakukholwa na? Nizokwamukela ukuphulukiswa kwengane uma Eyiphulukisa na? [Inenekazi lithi, "Yebo"—Umhl.] Kulungile, ungabuyela e Somerset, e Kentucky, lapho uvela khona. Futhi ukholwe ukuthi izosinda, utwayi lwakho luzoyishiya ingane uma ungakukholwa.

188 Lapho ngiphatha lelogama, omunye umi emuva laphaya ehholo, uvela e Somerset, e Kentucky, uyathandaza, nesifo senhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa na? Uma ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa aphilise.

189 Lapha, nakhu lapha, ngikholwa yikuthi isandla sothize siyaphakama khona ngapha, khona ngapha, inenekazi. Yebo, ngisibonile isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe, nenekazi? Angikwazi. Akaze sibonane. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Inenekazi lithi, "Yebo"—Umhl.] Uyakholwa? Unomthwalo enhliziyweni yakho, kumbe okuthile. Uyakholwa

uma uNkulunkulu engakwembula kimi, uyakholwa ukuthi NguMoya ofanayo nowawukuKristu na? Indoda yakho ihlezi laphaya, ikholwa ngokufanayo, futhi na? Uzokholwa into efanayo na? Kumayelana nentombazanyana yakho ehlezi eduzane kwakho lapho. Kunjalo, inomdlavuza. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa na? Uma ukholwa phakamisa isandla sakho. Kulungile, beka isandla sakho phezu komntwana.

190 Nkosi Jesu, Phambi koMoya waKho, ngiyalilahla idemoni elibulala umntwana. Ngibeka, ngokukholwa iGazi likaJesu Kristu phakathi kwalowombulali nomntwana. Makuphile. Ameni.

191 Kholwa nguNkulunkulu. Ungangabazi. "Uma ukholwa, zonke izinto ziyenzeka." Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka. Ngokuyikho.

192 Omunye futhi emuva phakathi laphaya baphakamise isandla sabo, ndawo ndawo, wena, inenekazi ngale ekugcineni. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Angikwazi, awungazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangembulela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uzomamukela uJesu abe ngumPhulukisi wakho noma oPhayo, noma ngabe kuyini, noma yini. Uyakukholwa ke? Kulungile, ngakho lokho kwesaba obunakho, yilokho obunakho. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho, uma lokho kuyikho, ukuze abantu babone ukuthi kuliqiniso. Kulungile, kuzophuma kuwe manje. Hamba uye ekhaya uphile. UNkulunkulu akubusise.

Ungowase Kentucky, futhi. Ehhe, kulungile.

193 Inenekazi elihlezi eduze kwakho lingelase Kentucky, nalo. Livela khona, nalo. Angikwazi, ngiyakwazi na? Kodwa ngingakutshela kukhona okungalungile kuwe. Uma ngingakutshela ukuthi yini engalungile kuwe, wamukele uKristu njengomPhulukisi wakho? Kusenqulwini yakho. Uma lokho kuliqiniso, phakamisa isandla sakho, siphakame kakhulu ukuze abantu babone. Kulungile, hamb'ekhaya manje, kuzophuma kuwe. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

Nginicela inselelo ukuba nikholwe. Ngicela inselelo yokukholwa kwenu ukuba nikholwe.

194 Nakhu kuhlezi inenekazi lapha, likhuleka, libeke iduku ebusweni balo. Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Uvela e Joliet, e Illinois, futhi unethumba. Kunjalo impela. Ungamangala . . . (Yebo, lokho yi—lowo ngowesifazane olethwe ngu Rosella. Kunjalo. Linda, ungitshelile ngalokho, kodwa akazanga ukuthi angikaze ngimbone owesifazane. Kunjalo. Kwenzekile nje ukuthi ukukholwa kowesifazane bekukukhulu.) Ngizokutshela into eyodwa u—uyazi ukuthi angazi. Uthandazela lomntwana ohlezi lapha ekugcineni kwesihlalo, ogulayo. Lowo

ngumntwana wakho. Kunjalo. Ameni. Uyazi bengingakwazi lokho.

195 Nango, NguMoya oNgcwele! NiyaMkholwa na? NiyaMamukela na? Ngakho-ke uma lokho kuliqiniso, engikushiloyo ngokuthi "isango lincane, nendlela iyingcingo" kuliqiniso. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ikhona lapha manje. UMoya kaNkulunkulu ophilayo ukhona lapha. NiyaMkholwa na? Ngakho-ke, kungukunazisa ukuthi angisuye umuntu onokuphulukisa, angisuye umphulukisi, kodwa uMoya kaNkulunkulu wavele wangikhetha ukuMbonakalisa. Anginamfundo. Anginalwazi lwalutho. Kodwa nguMoya waKhe ophulukisayo, niyabo, futhi Ufuna nazi ukuthi nginitshele iQiniso.

196 Leli yiQiniso, ukuthi uJesu Kristu uniphilisa nonke njengamanje uma nizokukholwa lokho. Manje njenganje... Uma wasebenza e Kingston, kumamishinali, kumbe noma ngubani osemuva laphaya, ngiWubona usebenza e Kingston, ngezinkulungwane ziphiliswa, Ungesebenze ngani lapha kule Melika lapho esinendlela enjena manje. Asikukholwa ngani na? Ngoba singeke sawuwela lowomvimbelo omncane ngaleya. Niyakukholwa na? Phakamisani izandla zenu.

197 Manje, zona lezozandla, zibeke kulowo oseduze kwakho, angimkhulekele ngikhona khona lapha, futhi ningabe nisangabaza enhliziyweni yenu, lokhu kuyokuqeda.

198 O, he, Mfowethu Neville! Bengifisa kangakanani, bengikhuleka kangakanani, bengi... Ningacabanga ukuthi ngisangene; anginjalo. Ngazi kahle lapho ngikhona. Uma kuphela ngingnaninikeza lento encane! Niyaqonda ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ilapha phakathi kwabantu namhlanje ekuseni, khona manje, ikhona lapha njengamanje, Izibonakalisa.

Kuhle, uthi, "Mfowethu Branham, *nguwe* osho lokho."

199 Ngikusho kanjani na? Anginazi. Kukhona omunye wesifazane one TB. Uphilisiwe, dadewethu. Busiswa. Ngiyaxolisa, ubukhulekela owesifazane one TB, ngoba ngowesifazane osempunga ekhanda. Yebo. Kulungile, kukholwe. Kulungile. Ulapha. KunguBukhona baKhe.

200 Manje, nakhu Akushoyo, "Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Angawaqamba kanjani amanga na? Niyabo, akukho kuYe, akukho kimi, manje kukini. Manje niyakholwa.

201 Ngibuka owesifazane omncane ohlezi emuva laphaya njengamanje, unokukholwa okuningi. Yena nendoda yakhe basanda kuzinikela eNkosini. Uhlezi kuwo lomhlangano, ubenesibhono udokotela obezomhlinza sona ngaphambidlana nje, nengane yakhe ibisizozalwa. Nodokotela ubezohlinza kamuva, kodwa ingane yazalwa futhi abasasitholi nhlobo

isibhono. Siphele nya. Niyabo? Ngani? Wavele wahlala sengathi... Kazange abephezulu lapha eplatifoma kanjalo. Uvele wahlala phansi emuva laphaya wakukholwa. Kunjalo, Nkk. Green, ngikholwa ukuthi kunjalo, emuva lapho? Kunjalo. Niyasibona isandla sakhe na? Udokotela akasasitholi ngisho isibhono, siphele nya. Ngani na? Ukukholiwe, uvele waphuma wathi qekelele wathi, "Kunjalo!"

202 Manje yenzani okufanayo, futhi zonke izinhlupheko onazo zizokushiya. UNkulunkulu, Onga—Ongathumela okuThize emzimbeni womuntu, kuye kuleyonto engakholakali yalesosihlungu senyoka esasikulolonyawo lwendoda, sinobuthi, bokuyibulala, ongabumisa abubulale khona lapho, Angazibulala kangakanani-ke izifo emzimbeni wakho. Ngoba, leyondoda yayisosizini futhi yayifanele ithole usizo. Ufanele, futhi. Uma ungenalo, uyafa.

203 Manje bekani nje izandla zenu komunye nomunye. Ungazikhulekeli wena, khulekela umuntu oseduze kwakho. Lokho kunjengomKristu.

204 Funda lokhu, funda lokhu, ukuthi, njengoba wenza kwabanye, wenza kuKristu. Nxa uba nokulunga komunye umuntu, ubanokulunga kuKristu. Uma uphatha kabi omunye umuntu uphatha kabi uKristu. O, he!

205 O, uma kuphela ngingadlulisa lokhu, uma nje ngingadedela ngakubantu bakubone, engikubonayo nengikuzwayo, nengaziyo ukuthi kwenzekani, niyabo. Ukuthi uKristu ufuqa kanjani emva kwalowo Mlayezo namhlanje ekuseni, ukufinyelela khona phansi ezinhliziyweni zabantu adale okuthize lapho; akusikho ukwesasa, akusilo usinga (kufika nalo), kodwa ukudala ukukholwa okungafi lapho okungeke kusho ukuthi, nikeza iyintshi esitheni.

206 Manje, Uzowuzwa umthandazo wami, Uzowuzwa owenu. Khulekelanani manje, ngenkathi ngisanikhulekela nonke.

207 O Nkosi, lesisikhashana esikhulu esibucayi, siyaqonda ukuthi lokhu kuzosho umehluko phakathi kokufa nokuphila, kwabaningi. Futhi ngiyaqhaqhazela Phambi kwaKho, ngokuba ngiyazi, Nkosi Nkulunkulu, ukuthi kufanele ngikhuleke ngenhliziyo yami yonke. Ngiyaqonda ukuthi nakanjalo ukuthi kungabibikho muntu ogulayo phakathi kwethu kweminye imizuzu emihlanu, ukuthi wonke umuntu lapha uzoqonda ukuthi Ulapha. Bami lapha namuhla ekuseni, Nkosi. Vumela abantu baphakamise izandla zabo abebazi ukuthi angibazi, futhi lutho ngabo. Kodwa uMoya waKho uyabazi. Uma Wazi imfihlo yenhliziyo yabo, Wazi kakhulu kangakanani ngezinsizi zabo nokuhlupheka kwabo! Ngakho, Nkosi, makube namhlanje, makube ngisho manje ukuthi uMoya waKho uzothinta imizimba yabo egulayo. Kwenze, Nkosi. Bayakhulekelana.

208 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu oThandekayo, ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza kube yikho ngempela kubo, ukuthi abasayikuphinde bangakukholwa futhi. Futhi kukhona esinye isifo, Nkosi, esikhulu ukwedlula lesisifo somzimba, yisifo sokomoya. Sengathi zonke izinhliziyo zingavulwa.

209 Nkosi, kungenzeka kanjani ukuthi Wama lapho eceleni kuka Abrahama, wenza lento efanayo, watshela u Sara owaye "ngemuva" kwaKho, umBhalo wathi, "ethendeni wahleka," futhi Wamtshela. Futhi u Abrahama wakuqonda lokho ukuthi kwakungu Eloi, uNkulunkulu omkhulu. Emizuzwini embalwa Wanyamalala ebusweni bakhe.

210 Futhi, Nkosi, ngenkathi uJesu ema futhi enza into efanayo, futhi wathi, "Nibize u Abrahama ngo 'yihlo,' kepha nokho nithi nazi imiBhalo." Wathi, "Niyaduka, ningayazi imiBhalo naMandla kaNkulunkulu." Futhi baMbiza ngo "Bhelzabhubhe."

211 Kodwa Wethembisa ukuthi ezinsukwini zokugcina ukuthi Uyothulula uMoya waKho futhi. Umprofethi wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa kuyobakhona ukuKhanya." Futhi silapha.

212 Lapho lelizwe eliyivezandlebe likhalakathela ngaphansi kwesono, njengendoda edakiwe intengezela iya ekhaya ebusuku, ngokushesha liyoqhuma phakathi nendawo, akuyikubabikho ngisho uthuli lwentabamlilo, noluncane, oluyosala kulo. Futhi siyasibona isikhathi sishayela ngakhona.

213 O Nkulunkulu, susa konke ukungabaza kithina. Sigudlulele kulesosizingelezi njengamanje. Woza, Moya oNgcwele. Yelula amaphiko aKho amakhulu, ufukamele phezu kwalababalaleli abancane babantu njengamanje, futhi zigcwalise Wena qobo ezinhliziyweni zabo, futhi mabazi ukuthi UKhona ngokwaseZulwini, ukuthi nguWe, "NgiyiNkosi Eyelapha zonke izifo zenu." Futhi sengathi uBukhona baKho bungenza okuthize enhliziyweni yabo okuzobenza basuke lapha, namhlanje ekuseni, bekholwa ngakho konke okukubo. Futhi sengathi bonke abagulayo nabahluphekile bangaphulukiswa.

214 Ngokuba, njengenceku yaKho, ngimi ngilahla onke amademoni, ngilahla isifo, ngilahla uSathane.

215 Ulahliwe, futhi awulutho kodwa ungumkhohlisi. Futhi sibiza isandla sakho kukho namhlanje ekuseni, eGameni likaJesu Kristu. Futhi njengenceku yaKhe, ngishumayela iZwi laKhe futhi ngitshela abantu iQiniso, ukuba baqonde bazimbandakanye neZwi likaNkulunkulu, ngiyakulahla, Sathane, eGameni likaJesu Kristu. Suka kubo bonke lababantu abafike bevela kude naseduze, ukuba baphiliswe. Phuma kulababalaleli nakulababantu. Ngiyakulaya ngoNkulunkulu ophilayo. NeBhayibheli lathi, "Osebenzayo, umkhuleko oqinileyo wolungileyo uqine kakhulu." Futhi abaningi abalungileyo babeke izandla zabo kwabagulayo, namhlanje

ekuseni lapha. O, Satane, uzothanda ukubathola ukuba bacabange ukuthi bekuyimi, bese ususa inkazimulo kubo. Kodwa kungukukholwa kwabo kuNkulunkulu, futhi, bakholwa nguNkulunkulu! Futhi uzophuma, ngokukholwa kwabo. Ngakho thatha uhambo lwakho usuke uhambe lapha, uhambe uye ebumnyameni obungaphandle lapho ungowakhona. Ngiyakulahla, eGameni likaJesu Kristu, ngegunya leBhayibheli likaNkulunkulu, umyalo wami ngeNgelosi. Manje hamba, eGameni likaJesu Kristu, bayeke bakhululeke. Ameni.

216 Niyakholwa, ngezinhliziyo zenu, ukuthi niphulukisiwe na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngamukela uJesu Kristu njengomPhulukisi wami. Onke amathunzi ashabalele kimi. Manje ngiyaMemukela ekugcwaleni kwamandla aKhe, ekubusisweni koBukhona baKhe. NgiyaMamukela."

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu lase Kalvari,
Mhlengi waphezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
Ungangivumeli ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

Manje masiphakamise izandla zethu kamnandi ngempela kuYe manje.

Lapho ubumnyama bempilo bungidunga,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena ngumHoli wami, O Nkulunkulu;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula ukudabuka uxoshe ukwesaba,
Ungangivumeli ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

[UMfowethu Branham uqala ukumumuza "UKholo Lwami Lubheka Phezulu KuWe."—Umhl.] . . . umusa ocebileyo!

